# *IMIBUZO NEZIMPENDULO*

Sanibona kusihlwa, bangani, kumnandi ukuba lapha kulobu ubusuku. Futhi ngi . . . indlela loluhlobo lwakho konke olwehlele phezu kwami, bekungenxa yokuthi ngi . . . bengicabanga kulokhu ukusa ngomfowethu, nokuthi ngazi kanjani ukuthi zisho ukuthini izinkonzo ezimbili ngosuku.

2 Futhi ngi—ngibe noku 'ssst' okuncane emphinjeni wami. Ngishumayela kaningi kakhulu. Futhi kuthi masinya nje uma ngingena edolobheni, lesisigodi, ulwanga oluncane emuva lapha oluvela kolunye uhlobo lwe . . . lokhu, bakubiza . . . Lokhu lapha isimo sezulu lapha esigodini, bugcina nje lokho kuvuvukele kabi kakhulu ngidingeka nje ngilokhu ngigwinya ngaso sonke isikhathi uma ngiselapha esigodini. Futhi ngiyasuka, izinsuku ezithi azibe mbili, sekuhambile. Ngiyabuya, kubuye kwehle futhi.

3 Futhi ngithe ukumzwela uMfowethu Neville, ngazi ukuthi—ukuthi singahle nje mhlawumbe sibe ngaphambidlana enhla nomgwaqo kunoma abanye benu bafo abasha benjalo, futhi ngakho sibheka enye indlela. Ngakho sithi ukuzwelana, nalokho kakhulu impela njengoba izinsuku ziqala ukusondela, izinsuku ezimbi zisondela. Manje-ke sazi ukuthi siyamuka manje, khona nje, iNkosi ithanda.

4 Ngase ngicabanga, niyazi, uMfowethu Boze uzoba lapha ngeSonto elizayo kusihlwa, ngiyakholwa. Ngi . . . Nikutholile lokho na? Yebo, nangeSonto elizayo kusihlwa. Une—nefilimu afuna ukuyibonisa, ezimishini zakhe ezivela phesheya kwezilwandle lapho . . . Ubene—nephupho elifika kuye eminyakeni eminingi edlule, ngokuza eChicago. Nomfo omncane bandla wazizwa edabuke ngakho konke ngesinye isikhathi, wathi umlayezo wakhe wawungakaze ugcwaliseke. Futhi ngakuchaza kuye ukuthi iNkosi yayisivele igcwalisile. Wayesekuthola-ke.

5 Ngakho ngakho-ke iNkosi yamnika elinye iphupho. Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika ukuhumusha, yamtshela ukuthi akaye kuphi nokuthi enzeni. Wayesewelela lapho futhi, he, o, he, eKenya naseTanganyika naseUganda, nalezozizwe phakathi lapho, kuyamangalisa nje lokho iNkosi ebenzele khona ezimishini zabo. Futhi ufuna ukubonisa isithombe, ukubonisa nje ukuthi iNkosi yenzani phakathi kwalabobantu, izizwe zaseAfrika phakathi lapho. INkosi ithanda, ngoJanuwari, ngifuna ukumjoyina lapho nge . . . nabo phakathi kwalezozizwe, okomhlangano ngaphambi nje kokuba ngehlele eRhodesia naseNingizimu Afrika futhi.

6 Futhi, manje-ke, lokho kungaleliSonto elizayo ebusuku, ngakho khumbulani, manje. Futhi mkhulekeleni kanzima uMfowethu Joseph, ubengumfowethu omncane okahle. Ngimthokozele kakhulu impela, inhlanganyelo yakhe kanjalonjalo.

7 Manje-ke, leliviki elizayo elilandelayo, siyahamba-ke siya e. . . enhla eSouthern Pines, bese-ke sehlela eColumbia, eSouth Carolina; bese kuthi-ke sisuke lapho siye eCow Palace, eWest Coast, bese-ke senyukela eGrass Valley; bese siwelela eWorld Fair, bese sibuyela eOregon futhi; bese-ke senyukela eBritish Columbia, kanjalonjalo, njalo njalo kuze kuye ngasekupheleni kwalelikwindla. Khona-ke siyethemba, lelikwindla, iNkosi ithanda, ukuba neminye futhi imihlangano lapha, uma iNkosi ihlinzeka.

8 Ngase ngicabanga-ke, ngaphambi kokuba ngihambe, bekungaba yinto enhle ukuthi ukubuza imibuzo embalwa. Uyazi, uyathola ukuthi yini esezinhliziyweni zabantu uma ubuza imibuzo. Futhi ngakho-ke ngacabanga, uyazi, kulobubusuku, ukuthi nje ukuba nengxoxo yenhliziyo-nenhliziyo nom—mhlambi omncane, wabantu lapha, nje—nje ngixoxe nani okuphuma—okuphuma ezinhliziyweni zethu. Ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi kwenza okuhle kakhulu kunokushumayela intshumayelo, ukuthi nje ukuba siqondane kangcono.

9 Siyabonga kuNkulunkulu ngalokho esiMbone ekwenza kuleliviki empendulweni yomkhuleko, bekugqame ngempela. Futhi ngakho siyabonga, nje sibonga kakhulu.

10 Futhi siyasibona isikhathi nesikhathi sokuphela sisondela, sazi ukuthi kukhona into ezokwenzeka. Futhi akukhonoyedwa kepha owaziyo ukuthi lokho kuqinisile, uma e—uma engocabangayo. Siyazi, sibuka kulokho iminyakanyaka, ngamunye ukubhekisisile. Kodwa, niyazi, kuningi kakhulu okwenzekayo manje. Si—siyazi ukuthi lokho kunjalo. . . ngeke kwabakude kakhulu. Futhi manje mhlawumbe bengingakhuluma ngokunye kwalokho emizuzwaneni embalwa.

11 Kodwa ake sithi manje, ukusuka siqale, asikhothamise amakhanda ethu nje senzele izwi lomkhuleko. Futhi amakhanda ethu esakhotheme, angazi noma ikhona yini into esezinhliziyweni zethu, esingathanda ikhunjulwe emkhulekweni phambi kukaNkulunkulu. Uma bekungaba khona, phakamisa isandla sakho nje. Uzoqonda, Yena wazi konke ngakho. Esinye isicelo nje ongathanda ukuba uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule." INkosi ibusise ngamunye wenu.

12 Baba wethu waseZulwini, njengoba siza kulobubusuku sisondela kulesosiHlalo sobukhosi somusa, Wena osiyale ngomusa kakhulu ukuba size ngesibindi phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu nomusa waKhe, ukucela noma yisiphi isicelo ebesingasidinga. Wasitshela uma besingaba

baningi njengababili noma abathathu sizobuthana ndawonye futhi sihlangane eGameni laKho, ukuthi Uzoba phakathi kwethu. Bese kuthi-ke noma yini ebesikufisa, uma sikucelile, sifanele sikwemukele ukuba kuphela besizokholwa ukuthi besizokwemukela.

13 Wena uyazazi izimo nosuku nezimo zebandla nabantu, nezicelo zethu phambi kwaKho. Manje, Uzibonile izandla, Nkosi. Uyazazi izinhliziyo zabantu, nezifiso zabo nezidingo zabo. Futhi siyasibona ukuthi isikhathi siyasondela, siqoqana phakathi ngokusondele manje, amafu amakhulu nokuzinza. Izinto abaprofethi abakhuluma ngazo amakhulu amaningi eminyaka eyedlula, siyabona akaze kwenzeke kuze kube yilesisikhathi, futhi lapha siyasibona ngezinsuku zethu ngqo.

14 Manje siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha zona lezizibusiso esizicelayo. Philisa abagulayo nabahluphekile. Buyisela ebandleni laKho, Nkosi, amandla aphilayo kaMoya oNgcwele, ukukholwa okuphilayo ukuthi esikucelayo siyakukholwa. Siyakholwa ukuthi siyakwemukela ngoba sinesiqiniseko ukuthi yintando kaNkulunkulu ukusipha khona ngaphambi kokuba sicele. Asiceli okungalungile, sicela ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, ngakho sikhulekela ukuthi Uzosipha khona.

15 Busisa ukubuthana kwethu ndawonye, umelusi wethu, izisebenzi zebandla, wonke umuntu, amalunga oMzimba kaKristu okhona. Labo abangesiwo amalunga oMzimba kaKristu, bebheke namhlanje umpheme ndawondawo, bethenga umpheme webhomu wegceke elingemuva, Nkulunkulu, kwangathi bangeza phansi kwesivikelo sokuba ngumpheme seNkosi uJesu, sazi ukuthi uma lokhu ukuphila sekuphelile kunokuPhila ngaphambili le kwalokhu. SiyaKubonga ngesithembiso.

16 Siphe impendulo yalemibuzo kulobu ubusuku, ukuze senelise yonke inhliziyo ngeZwi laKho. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

17 Ukusondela kokufika kweNkosi, kuyisiqiniseko esikhulu kangaka pho!

18 Bengikhuluma esikhashaneni esedlule, omunye usho into ethize mayelana no*mshwalense,* bengineBusiness Men kungekudala kwenye yezingqungquthela zabo, ingqungquthela yamazwe ngamazwe. Ngethamele eyodwa nje, yesifunda. Ngikhulumela iFull Gospel Business Men, umhlaba wonke. Kwase kuthi-ke le—lengqungquthela iseWest Coast, nabo bonke abantu abadumileyo behlezi lapho bevela emhlabeni wonke jikelele, ne. . . begqoke kahle futhi benesithunzi. Omunye wabo wathi kimi, “Ngizwe omunye ekubiza ngo ‘Mfundisi ohloniphekileyo.’”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Ungumshumayeli na?”

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Wenzani nalabosomabhizinisi na?"

Ngathi, "Ngi—ngingusomabhizinisi."

"O?" Wathi, "Nhloboni yebhizinisi okuyo na?"

Ngathi, "Isiqiniseko."

19 Akangiqondanga kahle, wacabanga ukuthi bengiqonde umshwalense. Ngakho wathi kimi, wathi, "Unayiphi inkampani na?"

Ngathi, "INkampani yaseZulwini."

Wathi, "Angikholwa ukuthi ngiyayazi leyo."

Ngathi—ngathi, "Nhlo—nhloboni yomshwalense oyithengisayo na?"

20 "Angizange . . ." Ngathi, "Angizange ngithi 'umshwalense,' ngithe 'isiqiniseko.'"

Wathi, "Usho ukuthini na?"

Ngathi:

> Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami!
> O, isandulela esinje pho senkazimulo yaphezulu!
> Indlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu,
> Izelwe nguMoya waKhe, yagezwa eGazini laKhe.

21 Ngakho, lobo busuku ngenkathi ngethulelwa ukusakaza kwitelevishini, ngakusho. Ngase ngithi, "Manje, ngi—nginamapholisi omshwalense lapha uma noma yimuphi wenu bantu lapha noma phandle ngale ezweni, oyikhathalele ipholisi yomshwalense, ngithanda ukuyixoxisana nani khona emva kwenkonzo. Isiqiniseko, isiqiniseko esibusisiweyo!"

22 Manje, ngicabange ukuthi, ekubuzeni lemibuzo, ukuthi kungahle kunginike ukusondela okuncane emcabangweni wenu—wenu. Ngithole emibili. Lapho ngingena emnyango uBilly uthe kuneminye futhi, kodwa, kusobala, angilitholanga ithuba lokuyibhekisisa. Futhi ngifuna ukuqiniseka ukuthi ngokomBhalo ngiqinisile ngaphambi kokuba ngiwuphendule, ngoba ubu . . . ngifuna kube ngaleyondlela, noma ngaphambi kokuba ngiwuphendule. Ngakho mhlawumbe ngingayigodla leyo kuze kube ngesinye isikhathi. Manje, okunye kwe . . . Futhi ekuphenduleni lemibuzo manje, khumbulani, ngenza nje konke okusemandleni engingakwenza.

23 Angiyiphenduli imibuzo phandle ezinkonzweni. Ngake ngakuzama ngesinye isikhathi ngase ngingena enkathazweni. Abangiqondanga kahle. Wawumayelana noMnu. Allen, noma mayelana nobufakazi obubonakalayo begazi namafutha kanjalonjalo, ezandleni nasebusweni, kungubufakazi

obubonakalayo bukaMoya oNgcwele. Ngathi, "Awu, angazi ngalokho," ngathi, "Angikaze ngibone noma yini yakho emBhalweni." Ngathi, "Kodwa ngi—ngikholwa ukuthi nginga . . . bengingashumayela njengalomfowethu, ngingelale phezu kwamadlingozi. Ngishumayela iVangeli nje," futhi ngaqhubeka.

24 Futhi ngakho bathola incwadi, kumazwe ngamazwe, "Mfowethu Branham othandekayo . . . " ngakho yaya ndawo zonke. Futhi nje abakuqondanga. Sase sibathumelela amateyipu futhi sibadedele baphinde bayidlale futhi babone ngi . . . Bathi ngayi "gxeka indoda." A—angizange. Angizange ngigxeke noma yimuphi umfowethu. Ngezinye izikhathi ngingevumelane nabo, kodwa lokho kusezisekelweni zobungani.

25 Kwase kuthi-ke lapha kungekudala indoda yabhala ibhuku ngalendoda, ngokuthi, *Ukuluma koDeveli*. Ngase-ke ngicabanga ukuthi kuyoba yisikhathi mhlawumbe sokukhokha noma ukuyazisa. Nendoda eyabhala ibhuku yayikade igxeke wonke umvangeli ensimini ngaphandle kwami, futhi yayihlezi emhlanganweni wami ngqo, ngakho ngathi, "Angikuthokozeli . . . ukugxeka, kodwa . . . " Ngathi . . . Umfowethu, ngokusobala, wakutusa kwi *Christian Digest,* wathi ngangiyilowo ongayithathanga neze iminikelo futhi nganxiba imali kubantu, nokunye nokunye kanjalo, futhi wakuthokozela. Nendoda ihlezi lapho. Kodwa ithuba engangilazi ukuthi indoda yayisho okuthize ngoMfowethu Allen okwakungafanele.

Yathi, "UA. A. Allen wabhala lelibhuku lokuthi *Ukuluma koDeveli*."

26 Manje, uA. A. Allen akazange alibhale lelobhuku. Ngangimazi umbhali walelobhuku. Ngase ngithi, "Manje, uma indoda eyalibhala yayingeqotho ngokwenele ukuphuma futhi ihlole ukubona ukuthi ubani owalibhalayo ngaphambi kokuba igxeke uMfowethu Allen, ngithi ukukholwa ukuthi okunye kokugxeka kwayo akubafanele lababazalwane." Niyabo? Nendoda ihlezi khona lapho ingesekela. Kodwa nje kwakungukuyazisa ukuthi isitatimende sayo sasiyiphutha, niyabo, ukuthi uMfowethu Allen akazange alibhale lelobhuku, umbhalo othi *Ukuluma koDeveli*.

27 Manje, ekuphenduleni lemibuzo, idlula konke ukwazi kwami. Futhi uma . . . Ngizozama ukuyiphendula ngemiBhalo.

28 Manje, owokuqala utholakala, ngiyakholwa, kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 7 nevesi 15. Ngakho manje sizozama ukuwelela kulowomBhalo futhi sibone ukuthi ubukeka kanjani, futhi sibone ukuthi singamsiza yini lomuntu oligugu obuza umbuzo. Manje. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 7, ivesi 15. Futhi ngicabangela ekutheni umuntu ukhona manje. Manje nansi indlela Ofundeka ngayo:

*Kepha uma* ongashadile *ehlukana, makahlukane naye. Umzalwane noma umzalwanekazi kaboshiwe kokunjalo: kepha uNkulunkulu* u*sibizile sibe nokuthula*.

**169.** Manje. **KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 7, ivesi 15.** Manje umbuzo abawubuzile: **Mfowethu Branham, ngabe lokhu kuchaza ukuthi umzalwanekazi noma umzalwane ukhululekile ukuphinde ashade na?** Qhabo.

29 Niyabo, awuwutholi umbuzo wakhe lapho nokuthi uthini. Abakhululekile. Niyabo, lokho bekungenza ukuphikisa emBhalweni, nemiBhalo ayiziphikisi nhlobo. Niyabo? Manje, asi. . . Uyabo, njengokuthi ungenza umBhalo (ngokufunda ivesi elilodwa nje) usho noma yini ofuna ukuyisho, ukuba ifanele umcabango wakho. Kodwa ufanele uthathe umcabango abakhulumela kuwo.

30 Njengokuthi ukuba—ukuba bengikhuluma noMfowethu Neville futhi wena—futhi wena wangizwa ngisho igama, "ibhodi."

31 Khona-ke ubuzosuka uhambe, ubuzothi, "Uyazi ukuthi ukhuluma ngani na? Simdinile kulobubusuku." Niyabo? "Qhabo," omunye umfo ubengathi, "yiphutha lelo, bekuchaza ukuthi u—ubekweleta isikweletu sebhodi, ubezosikhokha." Omunye athi, "O, qhabo, ubengaqondile lokho, ubeqonde ibhodi ohlangothini lwendlu." Nomunye umfo athi, "Qhabo, ngiyakutshela ukuthini, ngikholwa ukuthi ubezama ukukhuluma ngokubhola imbobo." Niyabo? Niyabo?

32 Ufanele uthole ingxoxo, khona-ke uyazi ukuthi ukhuluma ngani, ngoba uPawulu lapha ngesinye isikhathi ubuya uphendula umbuzo wabo.

33 Ngezinye izikhathi bathi, "IBhayibheli Liyaziphikisa." Ngifuna ukukuthola. Aliziphikisi. Ngi—ngineminyaka engamashumi amathathu-nambili ngisemva kwepulpiti, angikaze ngikubone ukuphikisana namanje. Niyabo? ALiziphikisi! Kakhulu ku. . . Nguwe oLiphikisayo, uyabo, futhi ungaLiqondi. UMoya oNgcwele unguMambuli, uMambuli weZwi. Ngakho-ke, ukuphikisa . . .

34 Niyabo, uPawulu ubhalela labobantu, ethi, "Nibuze into *ethize-thizeni*." Kuphela, akasho nje ukuthi wena uwubuzile, u*sho l*okho nje. Manje-ke uyajika futhi ubuye uyabaphendula, okuphambene nalokho abakubuzile.

35 Babuza, "Senza *kanje,* na*kanje,* na*kanje*." NoPawulu uyajika futhi usho enye into, niyabo, kubukeka sengathi kungukuphikisana. Akusikho. Uma uzofunda ivesi lonke, isahluko sonke, ubuzothola ukuthi u—uzama ukubachazela abambhalele khona.

36 Manje, khona lapha lokho bekungabukeka sengathi bekunganika . . . Futhi yileyondlela othola ngayo izimpikiswano

eBhayibhelini, kodwa akunjalo. Manje, kubukeka sengathi, lapha, umuntu ufuna ukwazi, noma umbuzo abafuna ukuwazi:

> **Ngabe umzalwane noma umzalwanekazi oseNkosini, angashada noma aphinde ashade futhi akhululeke, uma beshiya isithandwa sabo ukuba baphinde bashade futhi na?** Qhabo.

37 Manje asithathe . . . siqale evesini 10:

> . . . *abaganeneyo ngiyabayala, kungemina, kodwa yiNkosi,* (Niyabo?)*, Ukuthi umfazi kangahlukani nendoda yakhe:* (Niyabo?)
>
> *Kepha . . . uma* ehlukana*, akahlale engaganile, kumbe abuyisane nendoda yakhe: nendoda ingamlahli umkayo.* (Lokho yiMiyalo yeNkosi, niyabo.)
>
> *Kepha kwabanye kusho mina, akusho iNkosi:* (Niyabo?) *Uma umzalwane enomfazi ongakholwayo, . . .*

38 Manje, bhekisisani indaba yakhe, niyabo. Futhi funda wehle njalo phakathi ngaphambi kwalokhu, uqhubeke isahluko sonke, uthola ukuthi bacabanga, "Uma siganwa ngumfazi futhi ube . . . si . . . Ngaganwa futhi ngiphenduka ngiba yikholwa, nomkami ubengesilo ikholwa, mangimlahle." O, qhabo. Akusikho lokho. Ungeke wakwenza lokho, Uyabo? Uyabo:

> . . . *Uma umzalwane* e*nomfazi ongakholwayo, yena-ke evuma ukuhlala naye, makangamlahli.* (Lokho kungukuthi, hhayi ngenxa yomshado, lokho kungenxa yokungakholwa. Akusikho "ukuphinda uganwe" futhi. Uyabo, hlala naye!)
>
> *Nomfazi* uma *enendoda engakholwayo, yona-ke ivuma ukuhlala naye, angayishiyi.* (Kunjalo! Niyabo?)
>
> *Ngokuba indoda engakholwayo ingcwelisiwe ngomfazi, nomfazi ongakholwayo ungcwelisiwe ngendoda: uma kungenjalo abantwana benu ngabe bangcolile; kepha kalokhu bangcwelisiwe.*
>
> *Kepha uma ongakholwayo ehlukana, makahlukane naye.*

39 Manje, uma ongakholwayo ethi, "Angisezukuhlala nawe, usuphenduke waba ngumKristu." Uku . . . Indoda itshela umkayo, "Ngoba ususindisiwe, futhi uzophuma ezweni lapho esake saba kulo, ngizokushiya." Manje, ayikho into ongayenza ngakho, mayihlukane. Niyabo?

40 Noma owesifazane athi endodeni yakhe, "Angizukuxubana nalesosigejane sabagingqiki abangcwele. Angizukukwenza lokhu! Ngizohlukanisa futhi ngikushiye." Ungalishiyi ibandla, myekele ahambe. Uyabo?

41 Umzalwane noma umzalwanekazi kaboshiwe kokunjalo, lokho ngukuthi, uma isithandwa sakho sikulahla futhi sifuna

ukuhlukana ngaKho. Awudingeki ukuba nje ubambelele kubo. Uma befuna ukunishiya futhi bazonishiya ngenxa kaKristu, mabashiye. Kodwa ungeke uphinde ushade! "Kodwa uNkulunkulu usibizile sibe nokuthula." Niyabo? Manje, akusikho ukuthi ungaphinda ushade futhi, usevele ukushilo lokho, kodwa awudingi ukuhlala nendoda engakholwayo noma umfazi ongakholwayo uma bengavumi.

42 Uma bevuma, bathi "Manje, qhubeka uye ebandleni. Futhi uma ufuna ukwehlela lapho, lowo ngumsebenzi wakho. Ufuna ukuya ebandleni lakho, qhubeka wena. Ngesingami, angiLikholwa. Futhi ngi—ngizokwenzela noma yini, angizukuma endleleni yakho, qhubeka wena," khona-ke hlala lapho nje, ungazi ukuthi impilo yakho engcwelisiwe iyomngcwelisa lowo okholwayo, ibabangele ukuba bakholwe. Niyabo? Nhlangothi zombili, owesilisa noma owesifazane, uyabo. U . . .

43 Kodwa manje ukuba uthi nje, "Ngi . . . Mfowethu Branham, ngashada nomkami ungongakholwayo, futhi nangu umzalwanekazi ngapha engingashada naye. Ngizoshiya lo bese ngishada lowaya." O, qhabo! Qhabo, lutho! Isifungo sakho singukuthi nize nahlukaniswe ngukufa, futhi akukho lutho olunye ezweni oluyokuvumela ukuba ushade (eBhayibhelini) kuze kufe isithandwa sakho. Kunjalo. Okuyizona zizathu kuphela! Akukho-kuphinde ushade ndawo nhlobo, ngaphandle uma isithandwa sesifile. Yilokho kuphela. Uyabo?

44 Ungeke waLenza Liziphikise. Ngakho funda amavesi nje ngaphambili nangemuva, futhi uyobamba-ke ukuthi ukhuluma ngani. Manje, lokhu kuchaza lapha, akusikho . . . Uyabo:

**Ngabe lokhu kuchaza ukuthi umzalwanekazi noma umzalwane ukhululekile ukuba aphinde ashade na?**

45 Qhabo, mnumzane. Uyabo, wakuchaza lokho kuqala. Uyabo:

> *. . . abaganeneyo ngiyabayala, kungemina, kodwa yiNkosi, Ukuthi umfazi kangahlukani nendoda yakhe:*
>
> *Kepha uma eke* wahlukana nayo*, kahlale engaganile, kumbe abuyisane nendoda yakhe:* . . . (Niyabo?)

46 Azikho izinto ezinjenganoma yimuphi okholwayo eke abuyiselwe ekubeni aphinde ashade futhi, enesithandwa esiphilayo.

Manje, nanku omunye. Owesibili unjengalona:

**170. Hlobo luni lomzimba ababi abayoba nalo ekuvukeni kokugcina ekwaHluleleni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe esiKhulu na?**

47 Lesosoni siyovuka ekuvukeni ukuba sahlulelwe emzimbeni esenze isono sikuwo. Niyabo? Siyodingeka sime ekwaHlulelweni ekuvukeni.

48 *Ukuvuka* akusikho ukufaka okunye esikhundleni, kunguku "vusa lokho okwashona phansi." Ngenkathi uJesu evuka kwabafileyo, Wayengumzimba ofanayo owashona phansi, Wavuka ekulolohlobo olufanayo lomzimba. Sivuka sisemzimbeni ofanayo esishona phansi sikuwo; ngukuvuka, akusikho ukufaka okunye esikhundleni.

49 Manje, iBhayibheli liyasho ukuthi i. . .ukuthi siyokwehlulelwa ngokwezono ezenziwe emzimbeni. Futhi, uma omubi evuka, uyohlulelwa esemzimbeni ofanayo ona ekuwo, into efanayo.

**171. "UAdamu wamazi umkakhe uEva; futhi" (isihlanganiso) "wakhulelwa, futhi wazala uKayini." Ngiyakukholwa konke okufundisayo, kodwa ngine. . .nginga. . . Ngingamphendula kanjani omunye o—othi akakhulelwanga emva kokuba uAdamu esemazile, ngenxa yesihlanganiso "futhi." "UAdamu wamazi umkakhe; futhi wakhulelwa, futhi wazala uKayini."**

50 Manje, thina badala siyazi ukuthi "wazi" kuchaza ukuthini. Manje, umbuzo umayelana nesihlanganiso. Manje, uma nizobhekisisa, bangani, niyabo, ni—ningeke nje nenza iBhayibheli lisho into eyodwa endaweni eyodwa nenye into engenye into. Lifanele lisho into efanayo ngaso sonke isikhathi. Futhi uma unaLo lisho into eyodwa lapha nenye into ngapha, khona-ke ukuhumusha kwakho kuyiphutha. Uyabo? Ungeke wakwenza. Ungeke wathola uEva ekhohliswe yinyoka enobuqili bese-ke umthola kwenye indawo ekhohliswa futhi. Uyabo? Nesikhathi sokuqala akhohliswa ngaso kungenkathi ekhulelwa. Ungeke wamenza ekhohliswa kabili.

51 Ake ngikukhombise nje esihlanganisweni sakho. Ekufundeni iBhayibheli ufanele wazi ukuthi izihlanganiso zakho ziya kuphi. *Isihlanganiso* sibopha umusho wakho ndawonye. Uyabo? Manje bhekisisa lokhu. Manje, kuGenesisi 1:26, bhekisisa lesisihlanganiso, bese-ke uchaza lokhu khona-ke ngizokutshela ukuthi ukanjani. . .ngenkathi uAdamu azi umkakhe. UGenesisi, isahluko sokuqala, futhi siqale ngevesi 26. Manje, lalelisisani. UNkulunkulu usenze okudaliweyo kwaKhe manje, futhi uNkulunkulu uvumela umhlaba uveze izinto ezinwabuzelayo nazo zonke izinto umhlaba owazivezayo. Manje, esahlukweni 26. . .ivesi 26 lesahluko sokuqala sikaGenesisi:

> *Futhi uNkulunkulu wathi, Masenze umuntu ngomfanekiso wethu* uqobo, *basifuze* uqobo—uqobo*:. . .ba* (umuntu). . .(hhayi *yena*; "bona," niyabo, ubuningi) *buse phezu kwe*zinhlanzi *zolwandle, naphezu kwe*zinyoni *zezulu, naphezu kwezinkomo, naphezu. . .* (Niyambona u "na, na, na" ekubophela ndawonye na?). . .phezu *komhlaba, naphezu kwazo zonke izinto ezinwabuzelayo ezinwabuzela phezu komhlaba.*

> *Ngakho uNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane* (bobabili owesilisa nowesifazane).
>
> *Futhi uNkulunkulu wababusisa* emva kokudaliweyo kwaKhe, kwase-ke, *futhi*. . .*wathi kubo, Zalani futhi,* (futhi) *nande, futhi nigcwalise umhlaba, futhi niwunqobe:*. . .

52 Isihlanganiso emva kwesihlanganiso salokho oku. . . Umuntu ufanele andise. *Futhi,* emva kokwandisa, bese-ke enqoba umhlaba; lokho ngukuyothi ngqi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Niyabo? Kulungile, "Ninqobe umhlaba." Kulungile:

> . . .*futhi nibuse phezu kwe*zinhlanzi *zolwandle, futhi*. . .izinyoni *zezulu, naphezu kwazo zonke izinto ezinwabuzelayo ezihamba phezu komhlaba.*

53 Manje, uNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, wadala, ba (umuntu) buse phezu kwawo wonke umhlaba, bawunqobe nayo yonke into, futhi benze lokhu futhi babuse phezu kwezinhlanzi zo. . .nayo yonke into Ayenza. Bese kuthi-ke siyathola, kuGenesisi 2:7. . .Lalelani lokhu. Emva kokuba uNkulunkulu esewenzile umhlaba, esemdalile umuntu, esemnikile ukubusa phezu komhlaba, esemnike konke anakho, futhi uNkulunkulu wabadala, wabatshela ukuba ba multi-. . .ukwandisa nokugcwalisa umhlaba, nazo zonke lezizinto, nasemva kwamanye futhi amavesi ayisikhombisa ezinto Aziqedile, namazulu nomhlaba nayo yonke into, "*Futhi* iNkosi uNkulunkulu yabumba umuntu ngothuli lomhlabathi." "Futhi!" Lapha Ye ("futhi" *isihlanganiso*) nza umuntu Esivele imenzile. Niyabo? Enza umuntu:

> *Futhi*. . .(ebophela umusho waKhe ndawonye). . . *uNkulunkulu wabumba umuntu ngothuli lomhlabathi, futhi waphefumulela* (umphefumulo) *emakheleni akhe umoya wokuphila; umuntu waba-kanjalo umphefumulo ophilayo.*

54 Manje, cabangani ngalokho! Emva kokuba Esenze umuntu (abesifazane nabesilisa) kuGenesisi 1:26 kuya kwela 28, Wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, wamdala futhi umnika. . . wanqoba imibuso futhi umnika onke amandla nayo yonke into, nokho Wayengakaze amdale umuntu kuze kube manje.

55 Niyabo, uSathane wayesevele emkhohlisile uEva. Kusobala, uAdamu wamazi umkakhe, kodwa wayesevele ekhohlisiwe. Ngoba khona emuva lapha u. . .ngenkathi be. . .ngaphambi kokuba bafike. . .Ngenkathi bezongena ekwahlulelweni, Wathi. . . noNkulunkulu wababuthela ndawonye wayesethi, "Ubani owenze lokhu na?" Wababuza umbuzo.

UAdamu wathi, "Owesifazane Owangipha yena."

Nowesifazane wathi, "Inyoka enobuqili ingikhohlisile."

56 NoNkulunkulu wabeka isiqalekiso phezu kwabo, nakho konke kanjalo. Kwase *kuthi-ke* uAdamu wamazi umkakhe, niyabo, emva kokuba wayesevele ekhohlisiwe futhi uba ngumama. Ngokufanayo nje njengoba uNkulunkulu enza umuntu emuva le lapha kuGenesisi 1:26 futhi nokho wayengakabunjwa nokho. Niyabo? Kulungile.

57 Manje bhekisisani, asehlele lapha bese sifunda, futhi:

> *Futhi uAdamu waqamba u*mkakhe . . . *uEva; ngokuba waba-ngunina wabo bonke* izinto ezi*philayo,* konke . . . noma *unina wabo bonke abaphilayo*. Wabiza umkakhe . . . wabiza owesifazane ngomfazi ngoba waye . . . noma indodakazi ngoba wa . . . wazo zonke izinto eziphilayo.
>
> Futhi *iNkosi* . . . *yabenzela uAdamu nomkakhe iziphuku yabemboza.*

58 Manje, manje qaphelani kuGenesisi futhi, 1:21, uNkulunkulu wadala imikhomo olwandle. Wenze yonke into, futhi wenza okudaliweyo, wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo. Wenza umuntu, hhayi umuntu "oyedwa," wonke umuntu, bonke ngomfanekiso waKhe uQobo. Niyabo? Futhi emva komfanekiso kaNkulunkulu Wabadala; owesilisa nowesifazane, wabadala bobabili kanjalo.

59 Futhi manje siyathola, ngapha futhi, emva kokuba Esenze umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, emva kokuba Esemdalile ngapha owesilisa nowesifazane, lapha Wenza umuntu ngothuli lomhlabathi.

60 Kwase kuthi-ke, emva kokuba Esenze lokho, emva kokuba Esemenzile owesilisa nowesifazane, Usebuyela lapha-ke futhi umenzela owesifazane, emva kokuba Esevele emenzile. Niyabo?

61 Uyabo, isihlanganiso sakho sibopha lowomusho ndawonye. Ngokufanayo nje njengoba kwathi, manje, *lapha*, "UNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngofuzo lwaKhe Wamdala," nguNkulunkulu ekhuluma emicabangweni yaKhe, emqondweni waKhe, lokho Ayenakho. *Nakhu* lapho eqinisweni Enze khona isenzo.

62 UJesu wayeyiWundlu elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba; Akahlatshwanga kwaze kwaba yiminyaka eyizinkulungwane ezine kamuva. Niyabo?

63 Ngakho inyoka enobuqili yayimkhohlisile uEva. Lokho kungokuqinisile. Kwase kuthi emva kokuba sekubekwe ukwehlulela, khona-ke uAdamu wamazi umkakhe. Wayesekhulelwa-ke futhi wazala indodana, uKayini. Niyakuthola na? Niyabo, isihlanganiso siqhuba nje lokho uAdamu akwenzayo, hhayi lokho okwenziwa ngaphambi kuka-Adamu.

64 Futhi bukani lapha, uma ubungathanda ukukuqhuba lokho, kulesositatimende esikhulu lapha, ngikholwa ukuthi siyasithola ngapha e . . . nalapha esahlukweni 4, ngikholwa ukuthi yiso.

> *Futhi uAdamu wamazi . . . umkakhe; futhi wakhulelwa, futhi wazala uKayini, futhi* (isihlanganiso) *wathi, Ngitholile indoda eNkosini.*

65 Manje-ke kwakungesuye empeleni uAdamu, kwakuyindodana kaNkulunkulu ngakho. Niyabo? Niyabo? Uma ufuna ukubeka isihlanganiso sakho lapho esikhona, uyabo, ("futhi" uyaphinda), "Ngitholile indoda kuNkulunkulu." Manje-ke ethi uNkulunkulu umupha leyonto ebandlululayo ebizwa ngoKayini. Kwakukuphi lowomthombo wakho konke okubi kakhulu namanyala nezinto uKayini ayenakho, kuvela kuNkulunkulu na? Kwakungeke! Niyabo? Wakhohliswa yinyoka enobuqili, nenyoka enobuqili . . . wayesevele eba ngumama. Khona-ke uAdamu wamazi, wamazi ngempela, wahamba futhi wahlala naye njengomfazi, kodwa wayesevele ezoba ngumama walomntwana.

66 Kwase kuthi ngenkathi indodana ka-Adamu isizalwa ekugcineni, yayinobubele, inomoya omnandi, ithobile, umuntu omnene njengoAdamu.

67 Kodwa lomfo, kwakuvelaphi lokho kuqamba amanga okul'hlaza cwe, savelaphi lesosono na? Kwakukuphi lomfo, uKayini, lowombulali na? NeBhayibheli lasho ukuthi "Udeveli ungumbulali." Avelaphi lawomanga na? (Udeveli unguyise wamanga; ungumqambimanga noyise wamanga.) Kwadingeka kuvele kwelinye ikhono elingaphandle kukaNkulunkulu. Ngakho uKayini wayengowomubi, noyise wayenguSathane; futhi wazala lona omubi.

Kwase kuthi-ke, kusobala, uAdamu wamazi umkakhe, impela.

68 Futhi, ya, mhlawumbe uma usho kanje. Ngingahle ngithi, ngizithatha mina uqobo, awu, manje, uRebekah wazalwa, futhi emva kwesishashana kufika . . .

69 Ngangifunda ngoluny'usuku indaba kaJosefa, futhi ngaxhuxhuma kakhulu ngendaba kaJosefa. Ngaya ngale endlwaneni encane ngase ngiguqa phansi, enhla laphaya eMinneapolis, ngase ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiKubonga kakhulu kangakanani ngendoda enjengoJosefa!" Ngase ngicabanga, "Uma ngi . . . Bengifisa sengathi ngabe ngetha uBilly Paul ngo, 'Joseph,' emva kwalesosimilo esikhulu esidumileyo." Akukho nowodwa umaka omelene naye nomaphi eBhayibhelini, umfanekiso ophelele kaKristu ngandlela zonke. Ngacabanga, "Bengingathanda kanjani . . . " Ngathi, "O, ukuba benginomfana, bengiyometha ngo 'Joseph.'"

70 Futhi khona manjalo nje lokho kuKhanya kwafika kuhamba kungena esakhiweni kwase kuthi, "Uzoba nendodana futhi uyiqambe igama lokuthi u 'Joseph.'"

71 Ngamazi umkami, impela, wazala uSarah. Ngase ngimazi umkami *futhi* wazala uJoseph. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Niyabo, kwakungahlanganise lutho nokokuqala. Isithembiso sikaNkulunkulu sasingu "Joseph," uSarah ufika phakathi kwalokho. Kungesikho ukubeka uSarah kulolohlobo lwendawo elukhuni, kodwa nje ukunikhombisa ukuthi ngi—ukuthi ngichaza ukuthini. Niyabo, lokho . . . USarah wathunyelwa nguNkulunkulu, naye. Futhi ngakho manje-ke siyakwazi lokho.

72 Manje, kodwa, niyabo. UNkulunkulu, ngenkathi Ekhipha isigwebo phezu kuka-Adamu noEva, usevele usenzile isono ngaphambi kokuba Akhiphe isigwebo. Futhi, lalelani, senake nazi yini ukuthi umntwana wokuqala ukuba aze azalwe ezweni wa "zalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ekhuluma amanga na"? Yena impela owokuqala ukuba aze azalwe wazalwa ngaleyondlela, ngoba . . .

73 Wena uthi, "Kuthiwani ngoAdamu noEva na?" Abazalwanga. Badalwa. Niyabo?

74 Kodwa umntwana wokuqala ukuba aze afike wazalelwa esonweni, ngakho kuzofanele kube ngalowomugqa. "Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe iyingcosana futhi igcwele usizi." Uzalelwe esonweni. Yingalesosizathu efanele azalwe ngokusha futhi, niyabo, ngoMoya; hhayi ngo*mcabango* wokomoya; ngokuZalwa kokomoya, niyabo, lokho kumenza azalwe kabusha, kumenza abe yisidalwa esisha. Umuntu wokuqala owazalwayo wazalelwa esonweni.

75 Manje-ke, kwafanele kubekhona Oyedwa ofika ngaphandle kocansi. Manje, uma ucansi lwalungesiyo into yokuqala, pho kungani bafanele babe noYedwa ngocansi ukuba ahlenge sonke isintu na? Kungani Engamehlisanga nje oyedwa ngemihubhe futhi wathi, "Nangu Olungileyo o*cabanga* kahle na"? Kwafanele kufike ngocansi, kufike ngowesifazane, ngoba yilapho okungena khona endaweni yokuqala. Ngocansi, kwaletha ukungalungi; futhi ngocansi, kwaletha ukuLunga. Niyabo? UNkulunkulu, ngaphandle kokuphinga, ngaphandle kwesifiso socansi, wazala uJesu Kristu ngomqondo ocwebileyo, ngokusibekela uMariya futhi edala kuye leNgane; efika ngocansi. Futhi, ngalokho, iGazi laKhe eliNgcwele wahlenga sonke isintu esiwileyo. Niyabo? Ngakho kuzofanele kubenjalo, ayikho enye indlela yakho.

76 Wonke umuntu ozelwe ngowesifazane uboshwe ngukufa, ufile esazalwa. Kunjalo.

77 Yingalesosizathu ngangikhuluma ngoluny'usuku ukuthi sinaso kanjani lesosiqiniseko esibusisiweyo manje.

78 Ngenkathi uIsrayeli . . . Akusikho . . . Ngikhuluma izinto eziningi kakhulu okungenalutho kukho, kodwa ngezinye izikhathi iNkosi ingipha into ethize futhi nje iyangixhuxhumisa. Ngakho ngenkathi Ingipha lokho, kwangixhuxhumisa kakhulu ukwedlula noma yini engake ngaba nayo eminyakeni. Ngenkathi Ingipha lokho ngoluny'usuku, ngenkathi ngibona lowoIsrayeli, isigqila, engenakhaya, abantwana bakaNkulunkulu. Kuphoswe phakathi isinkwa esikhuntile, noma yini abafuna ukuyenza! O, ukuba nje babengaba nekhaya lapho ababengahlala khona ngokuthula, bahole okokuziphilisa ngesithukuthuku sebunzi labo!

79 Futhi, ngoluny'usuku, owehlayo ephuma ehlane kufika umprofethi, eholwa yiNsika yoMlilo, futhi wabatshela ngezwe lesithembiso. Akukho-muntu owayeke waba lapho, babengazi lutho ngakho. Kodwa kwakuyisithembiso. Phezu kwalokho bakholwa futhi balandela lomprofethi baze basondela ezweni lesithembiso.

80 Manje-ke kunofakazi obizwa ngo*Joshuwa*, okusho ukuthi "Jehova-msindisi," wawelela eJordani wangena kulelozwe, wayesebuya nobufakazi obubonakalayo bokuthi lelozwe laliyilokho impela lowomprofethi athi kwakunjalo neZwi likaNkulunkulu. Babenesixheke samagreypsi, kuthathe indoda amabili ukusithwala, futhi bakwazi ukunambitha isithelo sasekuqaleni ezweni. Akukho-muntu owayazi ukuthi izwe lalilapho, bakukholwa nje. Baphuma bahamba ngokukholwa futhi bakukholwa.

81 Manje ngenkathi belidla ifa izwe labo, babejabule kakhulu kanjani! Ngamunye wayesekwazi ukuhlala ngokuthula, abe nengadi yakhe encane, abe nabantwana bakhe nayo yonke into. Kodwa, nokho, ukuguga ekugcineni kwamthola, nokufa kwamvalela ekhoneni futhi kwamthatha.

82 Kwase kuthi phansi ukusuka emihubheni yaseZulwini, ngowesifazane, kufika elinye iQhawe elikhulu, elikhulu kunawo onke awo, uNkulunkulu uqobo lwaKhe wabonakaliswa enyameni, uJesu Kristu. Wayesetshela uIsrayeli ukuthi babengabantu abakhulu kanjani, kodwa ukufa kwabhekana nabo, Wathi, "Kodwa Nginitshela ngelinye izwe. EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi. Uma bekungenjalo beNgiyakunitshela. Nijabule ezweni lenu, ninamakhaya enu, ninabantwana benu. Kodwa ningcwaba ngamunye phandle ngaleya futhi kubonakala kungukuphela."

83 UJobe wakubona, wathi, "Uma umuthi ufa, ubuye uphile. Kodwa umuntu ulala phansi futhi aphume umoya, uphi na? Amadodana akhe afika ukumhlonipha futhi akakuboni. O, sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo, ungigcine endaweni efihlekile kuze kwedlule ulaka lwaKho!" Wathi, "Uma umuntu efa uyakubuye aphile na?"

84 Iminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kwalokho, babebheke into ethize ngaphesheya kwalelothuna. Zonke izinto ezinkulu uNkulunkulu ubapha zona, ikhaya, umndeni nabantwana, nebandla, nakho konke, nabaprofethi, nendoda edumileyo kuze kufike kulesisikhathi, kodwa nokho ngamunye wafa futhi waya ethuneni lakhe. Kodwa nakhu kufika Oyedwa futhi uthi, "EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi, futhi Ngizakumuka futhi nginilungisele indawo." NjengoJoshuwa, Wahlangabezana neKadeshi-barineya laKhe.

85 Nxa uIsrayeli efika eKadeshi-barineya . . . NeKadeshi yayiyisihlalo sokwahlulela sezwe ngalesosikhathi, iziphethu eziyisikhombisa ezivela esiphethwini esikhulu esiyisona esikhulu, sichaza ukwahlulela, njengeNdlu kaNkulunkulu namaBandla eliphuma lisuka kuLo. NoJoshuwa, evela eKadeshi-barineya, wawelela ezweni lesithembiso ukubuyisa ubufakazi obubonakalayo.

86 Manje, uJesu wahlangabezana ne*Kadeshi* yaKhe. Kwakuyini na? Isihlalo sokwahlulela! Kwakukuphi na? EKalvari, lapho uNkulunkulu eseMehlulele ngezono zezwe. Benzani na? Wahlangabezana nokufa, ukubuyisela kukaNkulunkulu. Ukubuyisela izoni kuNkulunkulu, Wafa ukufa wayesewelela ngale emfuleni waseJordani (lokufa). BaMngcwaba.

87 Wafa kwaze kwathi inyanga nezinkanyezi kwabanamahloni ngakho. Wafa kwaze kwathi umhlaba waba nokugula kwemizwa. Wazamazama kwaze kwathi amadwala agijima aphuma ezintabeni. Wazamazama kwaze kwathi izinkanyezi azangakhanya, inyanga ayangakhanya, nelanga lashona phakathi nemini. Wafa! Wafa kakhulu kwaze kwathi umRoma wathatha umkhonto ongamaphawondi ayishumi wase ewuphisela ngokugcwele wadabula inhliziyo yaKhe; amanzi neGazi. Wayefile! Wawela iJordani. Futhi baMfaka ethuneni futhi bagingqa i—idwala lenyuka layothi ngqi kulo, kuthathe ikhulu lamadoda ukukwenza. Wayefile! Babeka uphawu lwamaRoma kulo.

88 Kodwa ngePhasika ekuseni Uyabuya evela eJordani, wayesethi, "NginguYe owayefile; sengingophilayo futhi kuze kube-phakade!"

Abanye babo bathi, "Sibona umoya."

89 Wathi, "Ngiphatheni. Ngabe umoya unenyama namathambo njengoba Nginakho na?" Wathi, "Ninakho okudliwayo na? Ngiletheni okuthize." Futhi baMnika inhlanzi nesinkwa. Futhi Uyakudla. WayenguMuntu!

90 Wayeyini na? Ebuyisa ubufakazi obubonakalayo ukuthi kukhona iZwe esiya kulo. Wenzani na? Yena, njengoJoshuwa, Waletha ubufakazi obubonakalayo baLo. Wathi, "Manje, uma nifuna ubufakazi obubonakalayo baLo, 'Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho

ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele.' Lobo ngubufakazi obubonakalayo obaNgivusayo. Ngizoninika isiBambiso sefa lenu." Kwase kwenzekani na? NgoSuku lwePentekoste uMoya oNgcwele wafika phezu kwekholwa.

91 Manje senzani na? Sivuma izono zethu, sizisho ukuthi sifile, sembelwa kanye naYe embhaphathizweni, savuka kanye naYe ekuvukeni kwaKhe. Ukwenzani na? "Sahlala ezindaweni zaseZulwini naYe." Yilapho esikhona kulobubusuku, sihlezi (hhayi ngokwenyama) ngokomoya, izingqondo zethu, imicabango yethu, imiphefumulo yethu ingaphambili kude le kweminako yezwe khona manje. Siyini na? "Ezindaweni zaseZulwini *ku*Kristu Jesu." Singena kanjani kuWo na? "NgaMoya munye," kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 12, "ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe ngoMoya oNgcwele eMzimbeni munye wamakholwa." UMbuso kaNkulunkulu ofiphele!

92 Phakathi lapho sibuka emuva futhi sabona lapho esasivame ukuqamba amanga khona nokweba nokukhohlisa nokubhema nokwenza izinto ezingalungile. Sivukile kulokho. Sisezindaweni zaseZulwini. Kuyini na? Ubufakazi obubonakalayo ukuthi suku lumbe siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo. Kungubufakazi obubonakalayo impela bokuvuka, ngoba, sekungashiwo ukuthi, sesivele sivukile kanye naYe, sekungashiwo ukuthi sesivele sifile.

93 UWilliam Branham owayevame ukuphila akasaphili, sekuyiminyaka eyevile emashumi amathathu afa, manje sekuyisidalwa esisha. UOrman Neville owayevame ukuphila akasaphili, wafa eminyakeni eminingi ngaphambi kwalokho, lesi yisidalwa esisha. UOrman Neville ufile, u—umbheji wamahhashi, umgembuli, kumbe noma wayeyini, umuntu owake waphila ufile. Angazi, uMfowethu Neville wayengesikho lokho; kodwa noma ngabe kwakuyini, unecala lakho konke okwakho, "Onecala kokuncinyane unecala kukho konke." Noma yini owake waba yiyo, uyisoni, yilokho oyikho.

94 Futhi ufile ngoba uthanda izinto zezwe. Futhi inqobo nje uma usathanda izwe, akunandaba ukuthi uvuma kangakanani ukuthi uphezulu *lapha*, awukho phezulu lapha, usephansi *lapho* namanje. "Othanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukangeni namanje."

95 Kodwa uma nivuka nibe ngaphezu kwalokho niye ezintweni zaseZulwini bese-ke ninaka okwaphezulu, ngoba nivuke noKristu futhi manje nihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini. Phumulani niqinisekile nje, akukho-nto enganilimaza, akukho-nto. Ngisho nokufa qobo lwakho akuna . . . ngeke kwenza-nto kini. Senivele nigxilise okwehange kuKristu. Isiqiniseko,

isiBambiso, idiphozi isivele ilethiwe, seniSemukele. Nenzani na? Nivuka kanye naYe ekuvukeni.

96 Buka emuva lapho engake ngabakhona. Manje sengingaphezu kwalokho. Ngani na? Ngomusa waKhe Wangiphakamisa, futhi sengilapha manje ngihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu. O, he! Nakho lapho okhona. Bese-ke iBhayibheli liba yiNcwadi entsha. Khona-ke uLifunda ngamehlo kamoya nokuqonda kukamoya. Khona-ke ubona amabizo nezabizwana, bese-ke ubona imigamanxo... izihlanganiso, ngiqonde ukusho njalo, kanjalonjalo, eBhayibhelini.

97 O, lapho Okuthi khona...Bathi, "LiyaZiphikisa"; uphansi *lapha* ufunda. Yenyukela *lapha* bese uyaLifunda, Lehluke lonke-ke. Uyabo? Kunjalo. Impela. Impela, Lisho into entsha enkulu yonke uma uLifunda ngoMoya. Yebo.

Lona omunye umbuzo ngempela awusiwo umbuzo, uthi nje:

**172. Ngihlale iminyaka eminingi esonweni ngaze ngathola iNkosi. Ngiyacela, Mfowethu Branham, ngiphinde ngona futhi angifanele ukuza phambi kwakho kulendawo engcwele. Ngicela ungitshele uma ngingabuyiselwa ngakho konke futhi. Ngicela ungisize, Mfowethu Branham, nginodeveli kimi. Ngisize! Ungazibeka yini izandla zakho phezu kwami futhi uphinde ungibuyisele na?**

98 Manje, kunombuzo, angizange ngikuqaphele ngenkathi ngikufunda esikhashaneni esedlule. Kunombuzo. Manje, uma lowomuntu ekhona...Ake nginifundele khona:

> **Ngihlale—ngihlale iminyaka eminingi esonweni ngaze ngathola iNkosi. Ngiyacela, Mfowethu Branham...** (Niyabo?)...**Ngiphinde ngona futhi angifanele ukuza phambi kwakho kulendawo engcwele. Ngicela ungitshele uma ngingabuyiselwa ngakho konke futhi.** Yebo.

99 Awonanga, mngani wami, kuze kube manje kuNkulunkulu kodwa kungukuthi ungabuyiselwa. Ukuba ubuwonile kuze kube manje ukuthi ubungeke usabuyiselwa, ubungeke neze *ufune* ukubuyiselwa. Uyabo? Uyabo? Kodwa inqobo nje uma isekhona Into esebenzana nenhliziyo yakho, usalokhu usemgqeni wokubuyiselwa.

100 "Onecala kokuncinyane unecala kukho konke." Ngone izikhathi eziningi, nsuku zonke sonke senza izinto esingafuni ukuzenza.

101 Kusenhliziyweni yethu...Awufuni ukuba ngaleyondlela kungenjalo ubungewubuze lombuzo. Uyabo? Lokho uqobo lwakho kungubufakazi ukuthi uNkulunkulu usasebenzana nawe. Mhlawumbe ushaywe wuvalo, mhlawumbe uSathane ekutshela ukuthi ungeke wabuyiselwa. Uqamba amanga, impela, unjalo. Ngoba, buka, uma kukhona utwa, lubiza,

kufanele kubekhona Utwa olusabela kulolobizo. Uma kukhona ukulambela Into ethize, leyoNto ethize ifanele ibe ndawondawo kungenjalo bekungeke kubekhona ukuYilambela. Uyabo?

102 Njengoba ngishilo isikhathi esininginingi. Ngaphambi kokuba inhlanzi ibe nesigwedlo emhlane wayo, kwadingeka kubekhona amanzi kuqala ayo ukuba ihlambe kuwo kungenjalo yayingeke ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabathini, kwafanele kube nomhlabathi kuqala ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla, ngoba umhlabathi wawufanele ube kuqala ukuba isihlahla simile.

103 Manje, ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kufanele kubekhona uMdali ukudala okudaliweyo. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Manje, inqobo nje uma ufuna futhi ulambele ukubuyela kuNkulunkulu, kukhona uNkulunkulu ndawondawo ebiza kuwe, uyabo, kungenjalo ubungeke ulambe. Kukhona uMdali!

104 Manje, uma u . . . Kukhona indawo ongayiwela lapho ongeke wabuyela emuva, kodwa uma lokho kungukuthi usuphansi lapho futhi esimweni esifanayo owawukuso. Kukhombisa nje ukuthi u*we* emseni kuphela. Ukuhlubuka akusikho uku*lahleka*. Ngifuna umuntu angitshele lapho ukuhlubuka kunguku*lahleka,* futhi akufakazise eBhayibhelini. Ukuhlubuka akusikho ukulahleka, uphume enhlanganyelweni nje.

105 UIsrayeli wahlubuka kodwa abazange balahlekelwe yisivumelwano sabo, balahlekelwa izindumiso nokuthokoza kwabo—kwabo.

106 UDavide walahlekelwa ukuthokoza kwensindiso yakhe ngenkathi ethatha uBati-sheba, umkaUriya, kodwa akazange alahlekelwe yinsindiso yakhe. Akazange athi "buyisela insindiso yami," wathi, "Buyisela kimi *ukuthokoza* kwensindiso yami."

107 O, kunokuningi kakhulu kwalokhu ukugcina umthetho namhlanje, ukuthi "ungathinti, unganambithi." Awenzi izinto ngokomthetho.

108 Angizanga kulelibandla kulobubusuku ngokomthetho. Ngizizwa ngikhathele, kade ngi—ngi—ngibe nokuguliswa yimizwa, ngiphatheke kabi, ngimangala ngento ephandle phambi kwami, inhliziyo yami iyavutha, ngisho njengokuthi kakhulu impela inhliziyo yami ize iyabhakuza. Nginenkwantshu, ubuhlungu, ngawo lomzuzu, nje kudubula kuya emuva naphambili, phansi-naphezulu kuphumele *lapha*. Ngiphele amandla, ngiguliswa yimizwa, ukuba nokuqhaqhazela; ngithola umkhuhlane *lapha* nokucindezeleka; izinzwani zami zicindezeleke ezicathulweni zami. Ngizwe noma yini kodwa ukwehlela lapha. Ngizeleni, pho? Ngoba ngithanda uNkulunkulu. Ngiphila noma ngifa, ngifanele ngimele Yena lapha. Akusingoba ngifanele. Ubengeke abe

nandaba ngokuthi ngikwenzile noma qha. Benginga. . . Ukuba bengingafa bengiyoya eZulwini, empeleni. Kodwa ngiza ngoba ngiyaMthanda. Ukhonza uNkulunkulu ngoba uyaMthanda, hhayi ngoba kufanele nje ukwenze. Ngoba uMthanda ngokwenele!

109 Angithembeki kumkami ngoba ngesaba ukuthi uzongifaka isehlukaniso. Ngithembeke kuye ngoba ngiyamthanda. Akekho omunye wesifazane ezweni kodwa nguye. Yingalesosizathu ngithembekile kuye. Hhayi ngoba. . . Uma ngenze iphutha futhi bacabanga ukuthi ngenze into engalungile, ngiza kuye, ngithi, "Meda, s'thandwa, bengingaqondile ukwenza lokho." Ubengangithethelela ngakho, ngiyazi ukuthi ubengangithethelela. Bengingamthethelela; ngiyamthanda. Kodwa bengi—ngingamthethelela; ubengangithethelela. Kodwa bengingeke ngakwenzela lutho, ngimthanda kakhulu ukuthi ngingakwenza. Akusikho ukuthi ngoba angizange ngicabange ukuthi ubengangithethelela, ngumqondo wokuthi ngimthanda kakhulu ukuthi ngingakwenza endaweni yokuqala. Futhi inqobo nje uma ngisamthanda kanjalo, angisoze ngakwenza; futhi uma engithanda ngendlela afanele ngayo, naye angeke futhi.

110 Futhi uthanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo yakho, awudingi ukuthi ukhathazeke ngalezizinto. Uma wenza iphutha, awoni ngamabomu, wenze nje into engalungile. Uyabo, ushelele wahlehla. Qiniso, ubuphezulu lapha enhlanganyelweni, uthe qathatha wahlehlela phansi kulenhlakanhlaka phansi lapha futhi.

111 Kodwa kuyini na? Kufana no—nokhozi nje. Ngesinye isikhathi ngabona. . . enhla lapha eCincinnati Zoo, ngathatha uSarah futhi ngangehlela lapho. Uma noma yini engiyibonile engilimazayo, ngukubona into evalelwe esibayaneni.

112 Ngeke nje ngakumela ukubona noma yini isesibiyelweni, ngisho nezinyoni ezincane. Futhi ngiyazi nina besifazane ninalezozinyoni ezincane, zidedeleni.

113 Ngenkathi ngisengumfanyana ngangivamise ukuthi, "Uma ngingake ngize ngithole ithuba, uma sengiyindoda, ngiyongena ngesinyelela kuzo zonke izindlu bese ngibavulela labobafo abancane abahluphekile." Yebo, mnumzane. Ngathi. . . Behlezi enhla lapho elangeni elishisayo, futhi bona bethi, "Ha, ha, ha," nowesifazane phandle ndawondawo egosini elingemuva ebhema usikilidi, naleyonyoni encane ehluphekile ihlezi lapho isha. Ayikho engakwenza ngakho, ifanele ihlale lapho nje. Futhi ayizalelwanga lokho! Ngacabanga, "Mfana, uma bengingathi nyelele phezulu lapho bese ngiyayidedela, ibingeke ibe lapho isikhathi eside kakhulu." Niyabo?

114 Ngiyakuzonda ukubona noma yini ivalelwe esibayaneni. Ngiyakuzonda ukubona indoda ezibiza ngo*mKristu* bese

ivalelwa phansi esibayaneni nolunye uhlobo lwesivumokholo sebandla, "Ngeke ngathi, 'Amen.' A—angikholelwa ku*Lokho*. Umelusi uthi, 'UngaKukholwa.'" O, he, bakithi! Uzalwe ukhululekile.

115 Manje-ke kanjani-ke ngokhozi olukhulu na? Luyinyoni yasezulwini. Luhlala le ngaphezu kwamafu. Yilapho oluya khona ekuseni. Phezulu kude le, akukho okunye okungalulandela! Ayikho enye inyoni. . .ibingabuthuka emoyeni uma izame ukululandela. Luyinyoni eyenziwe ngokukhethekileyo.

116 Kwase kuthi-ke kwakukhona owayelubambile ngogibe olwenziwe ngumuntu, wayebambe lolukhozi olukhulu wayeselufaka kulesisibiyelo. Nomfo omdala ohluphekile. . . Ngambuka nenhliziyo yami yavele yavutha. Wabuka kulolohlangothi ka*njalo* futhi wayengazi ukuthi angaphuma kanjani kulesosibiyelo. Wayevele nje awelele lapho, futhi wa—futhi wayazi ukuthi wayengandiza kanjani, futhi wayeqala ukubhakuzisa amaphiko akhe. Futhi lapha wayehamba, wayezingqubuza ngekhanda lakhe phezulu ezinsimbini ezivalele futhi ashaye izimpaphe ziphume engalweni yakhe, izimpaphe zamaphiko lapha, nakho konke ekhanda lakhe, laze lopha. Wayishaya kakhulu leyonsimbi evalele yayimgqimuza aze ayothi ngqi emuva ngomhlane wakhe. Futhi wayelala lapho bese ekweqa lawomehlo abukeka ekhandlekile, abuke phezulu kulesosibhakabhaka, "Yilapho engingowakhona. Nanto ikhaya lami. Yilapho engazalelwa khona lokho. Kodwa, buka, phakathi kwami nalapho yisibiyelo. Awu, into kuphela engiyaziyo, ngibeka ingqondo yami kukho futhi ngiza lapha," futhi "ngqu," wayebuyela emuva ngqo futhi.

117 Ngacabanga, "O, he, akukubi yini kakhulu lokho! Ngifisa sengathi bebengangidayisela yena. Bengingabambisa ngeFodo yami ukuba ngimthenge, niyabo, ukuba nje ngimdedele." Niyabo? O, kwangenza ngaphatheka kabi kakhulu, leyonyoni enkulu ehluphekile lapho, ishaya izimpaphe. . .Ngacabanga, "Lokho kungukubuka okwesabeka kakhulu khulu engake ngakubona."

118 Qhabo, ngiyakuhlehlisa, ukubuka okwesabeka kakhulu khulu engake ngakubona yindoda ezalwe ukuba ibe yindodana kaNkulunkulu bese-ke ivalelwa esibayaneni esivumwenikholo esithize. Futhi ibuka phezulu lapho bese ibona uNkulunkulu efuna ukumkhonza ngempela, kodwa nje ayikwazi ukukwenza. Bangeke bayivumele ikwenze, niyabo, ivalelwe esibayaneni. Leyo yinto esabekayo.

119 Yebo, yebo, dadewethu, mfowethu, noma ubani obhale lokhu, uma uwele phansi *lapha* lokho akusho ukuthi ulahlekile. Uwukhozi nje olungene esibayaneni, yilokho kuphela. Uvalelwe phansi esibiyelweni lapha esonweni futhi. Awufuni ukuba

lapho, yingalesosizathu ubuka phezulu. Nakho lapho okhona, "O, Mfowethu Branham, ngake ngahlala phezulu lapho, ngabe ikhona indlela lapha na?" Yebo.

120 Kungikhumbuza ngoluny'usuku (o, umfana omncane) ngangihamba ngizungeza emva kweplazi, futhi kwakukhona . . . omunye wayebophele igwababa elidala ukulivimba lingayi emmbileni. Nalowomfo omdala ohluphekile wayesezobulawa yindlala nje. Ngangingeke ngibe yilowo oncishanayo ukuba ngenze lokho. Wabophela igwababa elidala ngonyawo, nalowomfo wayedle konke okwakuseduzane, wayengatholi lutho olunye. Umlimi wavele walishiya nje. Futhi lalihlupheke kakhulu ngangokuthi la—lalingakwazi ngisho nokusukuma. Nje li . . . Namagwababa ayendiza ngaphezulu futhi athi, "Klwe, klwe, klwe." Ngamany'amazwi, athi, "Woza, Johnny Gwababa! Isikhathi sasebusika siyeza, asiye eningizimu!" Kodwa lalingakwazi ukukwenza, laliboshiwe.

121 Ngakho ngoluny'usuku kufika umfo othize wayeselibona lelogwababa elidala elihluphekile, ngakho wavele wawela wayeselibamba wayeseluqaqa, wathi, "Hamba uqhubeke, mfana, usukhululekile." Niyabo? Futhi ngakho-ke, into yokuqala uyazi, lalilokhu lihambahamba.

122 Nakhu kufika amagwababa ngaphezulu, empompoloza, "Woza, Johnny Gwababa! Klwe, klwe, klwe! Asiye eningizimu, ubusika buyeza. Uzobulawa amakhaza."

123 Ukuba lalingabuka emuva, lithi, "Angikwazi ukukwenza." Niyabo, lase likwejwayele kakhulu ukuboshwa, niyabo, lacabanga nje ukuthi lalisalokhu liboshiwe.

124 Ungahle ucabange ukuthi uboshiwe, nawe, mfowethu, dadewethu, obhale lombuzo. Ungahle ucabange ukuthi udeveli ukuthole wakubophela phansi lapho, kodwa yena uqamba amanga. Kwake kwabakhona isikhathi okufika ngaso uMuntu emhlabeni, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Wakuqaqa. Ungakukholwa; awudingi ukuba uhlale phansi lapho, qhabo, mnumzane, ukhululekile. Kunjalo. Wafa endaweni yakho ukususa izono zakho. Kholwa kuYe nje, bhakuzisa amaphiko akho bese usuka undize nabo bonke abanye babo. Ungahlali kulowomgodi kadeveli. Qhabo, mnumzane.

Manje. **Ungazibeka yini izandla phezu kwami futhi ngikhululeke kulokho na?**

125 Dadewethu othandekayo noma mfowethu othandekayo, impela, bengingabeka izandla phezu kwakho, kodwa lokho bekungeke kukukhulule. Obekungakukhulula, u . . . kungukuba uqonde ukuthi usuvele ukhululekile. Usuvele uqaqiwe. Awudingi ukuba ukhathazeke ngokukhululeka, usuvele ukhululekile! UJesu wakwenza wakhululeka. Ningabe nisaboshelwa ejokeni lobugqila. Ukhululeke ngakho konke. Awudingi ukuhileka. Ukubeka izandla zami phezu kwakho

kuyisiko nje. Singahle sikwenze lokho. Lokho, ngani, bengingakwenza lokho, kodwa lokho noma kunjalo lokho bekungeke kukukhulule uze wemukele lokho Akwenzele khona; lowo yimi nje ngithi "Nkosi, ngiyaKukholwa."

126 Awu, beka izandla zakho nje ngokukholwa phezu kwaKhe, uthi, "Nkosi, ngiyaKukholwa," yenyuke uze. Kunjalo, vuma izono zakho. Uyabo, "Ofihla izono zakhe akayikuphumelela, osibekela izono zakhe. Kodwa lowo oyovuma izono zakhe . . ." Yilapho othola khona inkululeko yakho nokulungisisiswa, uma uvuma ukuba uthi "Ngonile, nginephutha." Yilokho okusho lapha:

> **Ngiwile, ngonile. Nginephutha ngempela! Ngabe likhona ithuba kimi ukuba ngibe ngophilileyo futhi na?**

127 Uqobo! Umzuzu oKufisa ngawo, lokho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu uqathaze intambo yokuPhila phansi ukuba akucoshe. Vuka nje entanjeni yaKhe yokuPhila yokukholwa nomkhuleko, qhubeka ngqo wenyuke uze uyongena kuzo zonke ezinye izinkozi kanjalo, hamba uze undize. Kunjalo.

128 Yebo, ukubekwa izandla, leyo—leyo yinto enkulu, ngiyakholelwa kulokho. Ngiyakholelwa ekubekweni izandla, ngikholelwa impela. Kodwa lokho akusikho okukwenzayo. Bengingabeka izandla phezu kwabantu, ukungena kweviki nokuphuma kweviki, futhi noma kunjalo bekungeke kusize lutho uze wemukele lokho u*Kristu* akwenzela khona. Yileyo kuphela imvumelo yami, ukubeka izandla. Babeka izandla phezu kwamalunga. Benza lezozinto, kwakuyimvumelo yabo phambi kukaNkulunkulu abanikeza ukukholwa kwabo kukho, banikeza inkolelo yabo kukho. Niyabo? Ngezinye izikhathi, ngezinto nje . . .

129 Angiqondakali kakhulu izikhathi eziningi kakhulu. Ngi—ngine . . . ebusuku bayizolo. Ngibambe phakathi kwemiqondo emibili, futhi a—angazi nje ukuthi kufanele ngijikele ngaphi. Ngi—nginjalo, qobo lwami, ngiphakathi komqondo, a—angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngithemba ukuthi nje leli yibandla lemvelo, noma ibandla lomoya lihlezi lapha, njalo, angiboni ukuthi bayakuqopha lokhu ngakho ngizovele nje ngisho lokho engifuna ukukusho. Ba . . .

130 Bengifuna ingxoxo encane nani ukuvulelana izifuba, futhi ngikholwa ukuthi ngizovele nje ngikuthathe, noma ikanjani. Benginenothi libhalwe lapha nomBhalo, noma ngabe . . . Ukuba angikwenzanga, bengizokhuluma ngokuthi *UbuVangeli beSikhathi sokuGcina*, ukuthi ubuvangeli besikhathi sokugcina buyini. Mhlawumbe ngizokongela olunye usuku lokho. Ngithanda ukukhuluma kini ngokuvela enhliziyweni yami, okuvela phansi nje enhliziyweni yami.

131 Ngiphakathi kwemiqondo, angazi nje ukuthi yiyiphi indlela engizojikela kuyo. Ngifuna umkhuleko wenu. Lokhu

ukunxenxa okuncane phakathi lapha, kulezi—kulezi izinto, bengithola ithuba nje ukuba ngikhulume kini imizuzu embalwa. Enye into engifuna ukunitshela yona, niyabo. Ngiyaqonda ukuthi siseduzane ngempela entweni ethize. Manje, ningabi ngabangaqondiyo, ningakwenzi. Niyabo?

132 Indoda ifika kimi ngoluny'usuku futhi yangenza ngazizwa ngiphatheke kabi ngempela. Ngacabanga, "Ngempela bengingakaxegi kangako ekufundiseni." Niyabo? Yathi, "Mfowethu Branham, ezinsukwini cishe ezingaka ngifanele ukuhlinzwa, eziyishumi nanhlanu ezizayo, izinsuku ezingamashumi amabili." Yathi, "Ucabanga ukuthi uJesu uzoba lapha, angeke ngisho ngidingeke ukuba ngibe nalokho kuhlinzwa na?" Niyabo? Niyabo, awuKuqondi. Ungakwenzi lokho! Uyabo, ungakwenzi lokho. UJesu angefike eminye iminyaka eyizinkulungwane ezinhlanu. Angazi. Angaba lapha nokho kulobubusuku. Angafika kusasa. Angazi ukuthi Uzofika nini, akekho omunye owaziyo. Ngokukhuluma obala, Akazi ngisho naYe uqobo. Yilokho Akusho. Akekho owaziyo.

133 Kodwa benazi yini ukuthi uPawulu wayeMbheke ukuba afike nsuku zonke na? UJohane, esiQhingini sasePatmose, wacabanga ukuthi wayezophila aze akubone. UIrenaeus wacabanga ukuthi impela Wayezofika ngezinsuku zakhe. Bonke abanye babo, uPolycarp, uMartin oNgcwele, kwehle njalo onyakeni. ULuther wacabanga, "Impela yikho lokho!" UWesley wathi, "Yilesisikhathi." UCharles Finney, uJohn Knox, uCalvin, uSpurgeon, bonke bathi, "Yilesisikhathi!" UBilly Sunday, kwehle njalo kuze kuzofika kulolusuku lapha, bonke, "Yilesisikhathi!"

134 Silubhekile. Asazi ukuthi isikhathi sinini. Ngikholwa ukuthi yilesisikhathi, futhi ngifuna ukuphakamisa ukukhanya kwethoshi. Futhi lalelani, ngi. . . Kubambeni kahle lokhu! Ngifuna ukuphila umzuzwana ngamunye wempilo yami ukuthi ngiMbheke ngomzuzwana olandelayo, kodwa ngifuna ukuqhubeka sengathi bekungaba yiminyaka eyizinkulungwane eziyishumi kusukela manje. Ngisalokhu ngifuna ukutshala izimbewu, ngivune isivuno. Ngifuna ukushumayela iVangeli futhi ngiqhubeke njengoba nje bengihlale ngenza. Ngiqhubeke kanjalo, amehlo ami ebheke phezulu, ngiqaphele; ngidonsa umbhejana we. . . ngithola izinyanda, uhlamvu. Bese kuthike ngonyaka ozayo ngizotshala ukudla kwami okusanhlamvu futhi, "Nkosi, ngangicabanga ukuthi Uyoba lapha ngonyaka odlule, kodwa uma Ungeke, Ungafika ngalonyaka. Ngakho ngizofaka ukudla kwami okusanhlamvu ukuba ngikhulise abantwana bami. Uma Ulibala, bayoba nakho abakudlayo; uma Ungafiki, ngiyobe ngiKubhekile." Nakho lapho okhona, uyabo, nje ngiqhube ngokwejwayelekile nje.

135 Uma ngicabange ukuthi Ubezofika ekuseni, kulobubusuku bengizoshumayela umlayezo ofanayo nengiwushumayela

manje. Uma ngicabange ukuthi Ubezofika ekuseni, bengingeke ngiphume bese ngithengisa imoto yami, bengingeke ngahamba ngenze *lokhu, lokho,* noma *okunye*. Bengiyoqhubeka nje njengoba ngokuvamile ngihambile, ngoba wonke umzuzwana ngiqaphele Yena ukuba afike. Isizathu Angahle afikele wena nje, kungahle kube yihora lakho elingahle libe kulobubusuku. Mhlawumbe yihora lami kulobu ubusuku. Angazi. Kodwa elinye lawo lizoba yihora lethu.

136 Futhi kwenza mehluko muni uma ngiphila lapha noma ngimbelwa phandle ngaleya na? Ngokuba uma sengivele ngikhokhelwe inhlawulo yokufa, ngiyoba lapho phambi kwanoma yimuphi umuntu ophilayo. Kunjalo. "Ngisho lokhu," kwabaseThesalonika besiBili, isahluko 5, "Ngisho lokhu kini ngemiYalo yeNkosi. Thina esisekhona sisasele ekuFikeni kweNkosi asiyikubathiya noma kubavimbela labo abaleleyo. Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala," inhlanhla yalabo abaleleyo bayophuma kuqala. Sazi kanjalo ukuthi sekuseduze, niyabo. "Khona-ke thina esisekhona sisasele siyoguqulwa, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi siyakuhlwithwa kanye nabo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni."

137 Ngakho kwenza mehluko muni uma ngafa ngesikhathi sika-Nowa, uma ngafa ngesikhathi sika-Abrahama, uma ngafa ngesikhathi sabaphostoli, uma ngife emavikini amabili edlule, noma khona manje na? Bekungenza mehluko muni na? Ngiyoba lapho ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ngiphumule kuphela kuze kube yilesosikhathi.

138 Manje, ukubuthana kuyoba seNkosini. NjengoJakobe, esahlukweni 49, wathi, "Uma kufika uShilo, nokubuthana kuyoba kuYe. Akuyikubakhona umbusi ohambayo kuze... kusukela phakathi kwezinyawo, aze afike uShilo," ekhuluma ngoJuda, "nokubuthana kuyakuba kuYe."

139 Manje, abantu abaningi kakhulu babheka ibandla, elikhulu iqembu labantu ukuba lihlwithwe kanyekanye, ibandla, ihlelo, isivumokholo esithize ukuba sihlwithwe. Lokho akusikho. Lokho akusikho nhlobo.

140 Ukubuthana kwabantu, uma uNkulunkulu ebizela umhlambi waKhe ndawonye, Angahle athathe ababili eJeffersonville, ababili eIndiana, ababili eKentucky, ababili eMississippi. Yilokho impela Akusho; hhayi lawomazwi, kodwa Wathi, "Bayobe bebabili ensimini," yilapho isikhathi sasemini esikhona, "Ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa. Bayobe bebabili embhedeni," enye ingxenye yomhlaba yisikhathi sasebusuku, "Ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa." Niyabo?

141 Ukubuthana kwabantu ngeke kube ngubuzwe basigodi sinye, beqembu *lapha*. Kuyoba ngukuvuka kwasemhlabeni

wonke kubuthanwa ndawonye, noHlwitho luyofika ngendlela efanayo. Ngoba Wathi, "Uma omunye elala nga*lo*mlindo, omunye nga*lowo*mlindo, omunye e. . .kwehle kuze kuyofika emlindweni wesikhombisa. Kwase kuthi-ke uma kufika uMyeni, zonke zavuka, wonke umuntu, yonke indlela kusukela esikhathini sikaGenesisi kuze kube ukuphela kweSambulo. Zonke zavuka, kunjalo, ukulungela ukungena."

142 Manje, niyabo, Ukhombisa ukuthi bonke abafile bayovuka ethuneni, ekufikeni kwaKhe, olungile, uMyeni, ezileleyo esethuneni ziyovuka ekuvukeni. Manje-ke Ukhombisa ukuthi abantu abaphila emhlabeni, kuyoba ngoyedwa *lapha* noyedwa *laphaya*, akuyikuba yisigejane sabantu sibuthene ndawonye eqenjini elincane. "Ngokuba uyakuba yedwa ensimini, noma ababili ensimini, Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa," nakho kufika elilodwa leBandla lesikhathi sasemini. Ngakwenye ingxenye yomhlaba, "Bayobe bebabili embhedeni, Ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa." Kunjalo na?

143 Ngakho ukubuthana kuyoba kuKristu noma ngabe ngiseJeffersonville, noma ngabe ngiseSweden, noma ngabe ngi. . .Futhi noma kukuphi, ukubuthana kuyoba kuMelusi wezimvu. Niyabo? Bese kuthi kanyekanye siyohlwithwa nokuvuka ukuhlangabeza iNkosi emoyeni. Abantu bayobe bevela kuzo zonke izingxenye zomhlaba, ophilayo. Abantu ofile, kanjalonjalo, bayovuka. Futhi kanyekanye iBandla liyohlwithwa kanyekanye ukuhlangabeza iNkosi emoyeni. Niyabo?

144 UkuFika kwaKhe kuyoba okomhlaba wonke. Akuyikuba nje ukufika eLouisville. Akuyikuba nje ngukufika kwiBaptisti, kwiPresbyterian. Kuyakuba "abamhlophe enhliziyweni bayakumbona uNkulunkulu," nokuvuka nokubuthana kuyakuvela ndawo zonke.

145 Futhi, manje, kufika nini na? Mhlawumbe kulobubusuku, mhlawumbe kusasa, mhlawumbe kulonyaka, mhlawumbe iminyaka engamashumi amahlanu, mhlawumbe iminyaka eyikhulu, mhlawumbe eminye iminyaka eyinkulungwane. Angazi. Akekho omunye owaziyo. Kodwa asithi—sithi, wena nami, siphile kulobubusuku kube sengathi bekuzoba kulobubusuku nokho.

146 Kodwa, manje, ekwenzeni njengoba ukushilo, "Ngi—nginokuhlinzwa." Awu, uma uzoba nokuhlinzwa, awunakho ukukholwa kokukhululwa, qhubeka ube nokuhlinzwa kwakho.

147 Ukuba bengizothenga i—i. . .Omunye uyafika futhi wangibhalela inothi ngeliny'ilanga, wayesethi, i—incwadi enkulu, wayesethi, "Mfowethu Branham, angazi ukuthi ngenzenjani." Wathi, "Mina nomkami besethembeke kakhulu kuNkulunkulu ngakho konke. Sikhulise abantwana bethu." Wayesethi, "Manje, okungimangalisayo," wathi, "sine. . .

silondoloze iplazi, sathenga iplazi." Kodwa wathi, "Silithanda kakhulu! Kunesiphethu lapho; kuno—nomfudlana ogeleza udabule endaweni." Kwakuphandle eOregon. Wayesethi, "Siyezwa ukuthi wena uza eOregon. Ngizokutshela ukuthi sinqume ukwenzani. Siyazi ukuthi . . . Sicabange ukuthi sizolongela abantwana bethu, ngoba abekho kubo abangamaKristu." Wathi, "Sicabange ukuthi sizolongela bona njengoba bezodingeka bahlale lapha ukuba bedlule kukho ukuhlupheka, futhi silongele bona futhi sibenze babe nento, ngokuba sikholwa ukuthi siyoba sekuHlwithweni. Ngakho-ke asazi ukuthi senzenjani ngalokho, ngakho mhlampe uma ufika sizovele nje silibuyisele kuwe iplazi, uyabo, khona-ke ungenza ngalo noma yini oyifunayo."

148 Ngabhala ngaphendula, ngathi, "Kungukunaka okuhle kanjani kini ukucabanga ngabantwana benu."

149 Wathi, "Mina nomama uphumela lapho, nangakusihlwa." Wathi, "Sengilungele ukumpentsha, futhi," wathi, "amahora anenjabulo esinawo, sinqamula eplazini, sibuka isiphethu, futhi simi phandle lapho sidumisa uNkulunkulu."

150 Ngathi, "Qhubeka wenze lokho, phila nje ngaleyondlela, ngokwenyama, ngokwempahla. Qhubeka nje uqhubeka aze Afike. Uyabo, qhubeka nje uhlale lapha, uqhubeka aze Afike."

151 Hlela, qhubeka, yenza lokho, "Uma iNkosi ithanda! Uma iNkosi ithanda! Ngiyokwenza *lokhu,* uma iNkosi ithanda." Ingafika ngaphambi kwalesosikhathi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kodwa qhubeka nje uhamba njalo njengoba unjalo nje uze . . . Kodwa gcina umphefumulo wakho ulungisiwe, lokho, Ingahle ifike nganoma yimuphi umzuzu. Niyabo, hlala ulungile. Ngokuba, uyabo, Ingahle ifikele *wena* nganoma yimuphi umzuzu, noma yimuphi umzuzwana, ngokushaya kwenhliziyo okulandelayo, ukuphefumula okulandelayo, Ingahle ifikele wena. Kodwa nje qhubeka wenza noma yini ofuna ukuyenza, inqobo nje uma iqinisile futhi iqotho futhi iqondile, qhubeka futhi uyenze.

152 Manje, siyazi ukuthi sibhekene nento ethize. Ngiyayazi; uyayazi. A—a—angazi ukuthi ngizojikela ngaphi. Niyakhumbula cishe eminyakeni emine edlule, eChicago ngoluny'usuku, uMoya weNkosi wafika phezu kwami ngase ngithi, "Yikho lokhu! Nemvuselelo isiphelile, neMelika ilenqabile ithuba layo." Kuseteyipini. "Futhi alisayikubabikho. Ithuba layo lokuqala ilenqabile."

153 Ngifuna nibhekisise. Ngabe noma ubani uyazi ukuthi suku luni lokho okwaba ngalo eteyipini na? Sinakho. ULeo noGene banakho. Ngikuzwile lapha esikhathini esingeside esedlule. UBoze ukufake ephepheni lakhe. Futhi ngakho bhekisisani nje ukuthi kwenzekeni kusukela ngaleyonkathi, niyabo, imvuselelo inqamukile.

154 Ngakusho lokho ngale e—eBlue Lake ngobunye ubusuku, nomfo omncane wabuya wenyuka ngokusa okulandelayo, wathi, "UMfowethu Branham angahle athi amaPentecostal libe nakho, kodwa hhayi mina! Udumo kuNkulunkulu! Haleluya," waqhubeka njalonjalo. Niyabo, kodwa umfo omncane ubengazi nje ukuthi iliphi ichopho lophondo ayebetha kulo. Niyabo, akaqondi. Niyabo, akazi. Kulungile, eshisekele, lokho kulunge ngokupheleleyo.

155 Kodwa qalazani! Benzani na? Yin'indaba ngabantu na? Kwenzekani emvuselelweni na? Kwenzekeni kuBilly Graham, uOral Roberts, bonke abanye babo na? Iqhubekaphi imvuselelo na? Iphelile! Intuthu isivele ishunqile. Izimbewu ziyahlwanyelwa. Umhlangano usuphelile. Imililo iyalotha. (Ethempelini elidala eRoma, ohlobweni lukamentshisi, ngenkathi imililo icima abahwebi baya ekhaya, ema-altare.) Manje, siyabona imvuselelo ayikho. Akusikho ukushisekela.

156 Manje-ke ngicabanga ngomfula ngo 1936, ngicabanga lokho Akusho. Kwenzekani lapho na? Abaningi benu bayazi. Ngangisengumfana nje, futhi ngokubhaphathiza umbhaphathizo wami wokuqala ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi yehla futhi yama ngaphezu kwalapho engangikhona. Abanye abantu bathi, "Awukubonanga." Yase-ke isayense ikufakazisa ukuthi kwakunjalo. Niyabo? Niyabo?

157 Manje, Yathini lapho na? "Njengoba kwakunjalo, njengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesibili."

158 Ngikubhekisisile lokho umhlaba wonke, kuhambe umhlaba jikelele. Nje cishe impela ngobusuku, izimvuselelo zaqhibuka ndawo zonke. Imililo yemvuselelo wawuvutha ndawo zonke, kubenemvuselelo enkulu kunazo zonke kwesake sazazi. Kodwa yake yabakhona into enjalo ngaphambili na? Akukhonto! Ngenkathi emavikini amabili ngaphambi kwalokho, ngezwa indoda yenza inkulumo eNew Albany, yathi, "Abantu babevamise ukukholwa ukuthi umsindo omkhulu we—wemvuselelo, njengoBilly Sunday nabo." Yathi, "Siyazi ukuthi ngeke kusabakhona okwalokho. Abantu bafuna ubufakazi obubonakalayo boqobo; ayikho into enjalo!" Ngenkathi benza lowomsindo omkhulu, ngesikhathi esifanayo uNkulunkulu waqhumisa imvuselelo enkulu kunazo zonke esake saba nazo selokhu kwaba semakhulwini-minyaka yasekuqaleni, abantu abaningi basindisiwe: izigidi.

159 Izibalo sikhombisa ukuthi umlayezo womuntu uhlala iminyaka emithathu, noma yimuphi wabo, bese-ke ephila phezu kodumo lwakhe sonke isikhathi aze uNkulunkulu ambize. Manje, lokho sekubekhona selokhu kwaba nguKristu, eyaKhe yayiyiminyaka emithathu nohhafu, niyabo. Futhi

kukhombisa lokho kwehle njalo, uSpurgeon, uKnox, uCalvin, kwehle njalo, kukhombisa ukuthi emithathu kuya eminyakeni emithathu nohhafu ngukukhawuka kwenkonzo yomuntu. Konke okunye kwakho. . . Ikhandlela lakhe livuthile, uphila ngodumo lwakhe olwedlule. Uma ubemubi, imisebenzi yakhe—yakhe iyamlandela; uma ubekahle, imisebenzi yakhe iyamlandela. Yilokho kuphela.

160 Manje, kwakuchaza ukuthini lokho na? Kade ngishumayela kulelibandla lapha futhi nginitshela ukuthi "Ngangikholwa ukuthi kwakukhona oyedwa omkhulu ozayo." Ngiyakholwa futhi nganitshela ukuthi "Ngikholwa ukuthi imiBhalo isekela ukuthi kuyobakhona isithunywa sonyaka webandla wokugcina." Ngiyakukholwa lokho. Bengibheke lowomuntu ukuba abonakale, bengibhekisise njalonjalo.

161 Futhi ngibona indoda isukuma, ngiyezwa ngayo, indoda enkulu iqala ukushanyela, ngiqaphela umlayezo wayo uqhele kakhulu eBhayibhelini. Ngiyibona indiza ibuyela ngale ekhoneni. Niyabo? Ngiqaphela enye ivuka, indizela phezulu ngaleya, kodwa ayifinyeleli phakathi kwezinkozi, ihlala phakathi kwamagwababa amahlelo. Ihlala phansi *lapha*, inhlanganyelo yayo, nenye ingenisa obunye ubulunga obuningi kanjalonjalo. Ngiyakubhekisisa, ngikubona kulotha.

162 Ngiyacabanga, "Nkulunkulu, iphi leyo ezobuyisela ukuKholwa kwawobaba kubantwana na? Ziphi lezoziMbewu ezizotshalwa na? Ikuphi na? Yini ezokwenzeka na?"

163 Manje kufika kulokhu. Uma—uma lowoMlayezo ezansi phezu komfula ngalolosuku, uma lokho kwakuyikho, ukuFika kweNkosi sekuseduze, sekuthi akube lapha. Uma kungenjalo, kukhona ukuthulisa phambi kwesichotho. Angazi. Ayikakwembuli kimi. Ngizama ukumangala, "Ngabe lowo kwakunguMlayezo waYo osemthethweni na? Ngabe lokho kwakuyilokho kuphela Eyayifuna ngikusho na? Ngabe lokho kwakungenkathi Ithuma na? Ngabe lokho kwakuyilokho kuphela kwakho na? Uma kuyikho, siseduze ngempela, ngempela. Sekuleyithi kunoma nicabanga. Uma kwakungenjalo, kukhona ukuthulisa ngaphambi kwesichotho.

164 Manje, omunye wangibhalela lapha kungekudala, futhi wangibuza, wathi, "Uma ungakholwa ukuthi ibandla lidlula kuso isikhathi sokuHlupheka, kuthiwani ngeSambulo 13, banqoba kanjani ngeGazi leWundlu nobufakazi babo na?" Umuntu wabuza lowombuzo. Ngiyamangala. Uyaqonda ukuthi izahluko ezintathu zokuqala zeSambulo kuphathelene neBandla onyakeni weBandla na? Leso yisikhathi sokuHlupheka, hhayi unyaka weBandla; iBandla liyaHlwithwa futhi liya phezulu esahlukweni 4 seSambulo, alifiki futhi kuze kube yisahluko 19 uma Selifika noJesu. Kunjalo. Lokho kusesikhathini sokuHlupheka, akuhlangene ngalutho neBandla nhlobo.

165 Zonke lezizethembiso ezinkulu zezinto ezinkulu enizibonile eBhayibhelini, njengalokho okuzokwenzeka, lokho kungale embusweni wamaJuda, hhayi lapha phakathi kwabeZizwe. Ngikholwa ukuthi bayoba nokubuthana nalona ofanele afike ukubuyisela ukuKholwa kwabantu, othenjisiwe. Nendlela kuphela engingathola ngayo lokho, ngoba Wathi, "Masinya emva kwaloMlayezo, ukuthi, umhlaba uyoshiswa ngokushisa, umlilo." Ake ngikufunde nje lokho kini ngenkathi sisekhona lapha, bese sibhekisisa ukuthi Kuthini.

166 Namanje lomlayezo omncane woMbuso, mhlawumbe ngingahle ngishumayele lokho ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda, niyabo, futhi uma iNkosi ithanda.

167 Manje bhekisisani lapha, nakhu ukufika kukaJohane, uMalaki 3:

> *Bhekani, ngi...thuma isithunywa sami* ngaphambi kwesaMi...*thuma isithunywa sami, futhi siyakulungisa indlela phambi kwami: neNkosi, eniyifunayo, iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo, ngisho isithunywa sesivumelwano, enithokoza ngaso: bheka, siyeza, isho iNKOSI yamabandla.*

168 Niyakubona lokho na? UMalaki 3. UMathewu manje, bhekisisani uMathewu isahluko 11, futhi lalelani lokhu, nevesi 6. Asifunde manje uMala-...Mathewu 11, uJesu ekhuluma. Futhi manje asiqale esahlukweni 11:

> *Kwathi, ukuba uJesu aqede ukuyala kwa*Khe *abafundi bakhe abayishumi nambili, wamuka lapho ukuyofundisa nokushumayela emizini yabo.*
>
> *Futhi manje kwathi-ke uJohane e...etilongweni esezwile ngemisebenzi kaKristu, wathuma ababili kubafundi bakhe,*
>
> *Wayesethi kuye, Wena unguye obezakuza, noma sobheka omunye na?*

169 Niyawubona lowomnyama walowomprofethi na? Wayazi ukuthi into ethize yayizokwenzeka, kodwa wayengaqinisekile ukuthi kwakukuphi, niyabo, niyabo, lokho okwakwenzeka nje, "Wena Unguye na?" emva kokuba esemMemezelile.

> Futhi *uJesu...wathi kubo, Hambani* nibonise *uJohane lokhu* e*nikuzwayo nenikubonayo:*
>
> *Izimpumputhe ziyabona,...izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa,...izithulu ziyezwa, abafileyo bayavuswa, nabampofu bayashunyayezwa ivangeli.*
>
> *Futhi ubusisiwe,* onga*khubeki ngami.*
>
> *Kepha sebemuka laba, uJesu waqala ukukhuluma* esixukwini *ngoJohane,*...(Manje lalelani!)...

*Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa ngumoya na?* (Qhabo, lowo kwakungesuye uJohane, akukho kuxegisa ngoJohane.)

. . .*naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na?* (Ngamany'amazwi, ukhololo obhekiswe emuva, niyazi, nabafunde kakhulu nendoda enkulu) *bhekani, abembethe* izingubo *ezinothonotho basezindlini zamakhosi.* (Lowo owanga ingane, futhi ashadise abantwanyana, futhi angcwabe abafileyo, futhi, niyazi, noma azilazile ngasemakhosini. Lolo yilolohlobo, akagadli ngeNkemba ebanjwa ngezandla-zombili. Niyabo?)

. . .Manje, *naphuma naya ehlane ukuyobonani na?* Umuntu nezingubo zakhe, futhi *untengantengiswa ngumoya na?*

. . .*Umuntu ombethe ezinothonotho na? bhekani, abembethe ezinothonotho ba*sezigodlweni *zamakhosi.*

*Kodwa naphuma ukuyobonani na? Umprofethi na? yebo, Ngithi kini, futhi odlula umprofethi.*

170 Bhekisisani! "Ngokuba lokhu. . ." Lalelani manje, lokhu ngamaZwi kaJesu uQobo:

*Lo unguye, okulotshwe ngaye ukuthi, Bheka, Ngiyathuma isithunywa sami phambi* kokuKholwa kwaMi, futhi u. . .ubuso, futhi u*yakulungisa* i*ndlela phambi kwakho.*

171 Manje bhekisisani uMalaki 3:

*Bhekani, Ngi. . .thuma isithunywa sami, futhi siyakulungisa indlela phambi kwami*:. . .(uMalaki 3, hhayi uMalaki 4)

172 Manje bhekisisani uMalaki 4:

*Ngokuba, bheka, luyeza usuku, oluzakuvutha njengeziko; nabo bonke abaziqhenyayo, yebo, nabo bonke abenza okubi, bayakuba* ngamabibi:. . . *luyakubashisa lolosuku* oluzayo, *isho iNKOSI yamabandla,. . .lungabashiyeli-mpande nagatsha* (lokho kungokokuHlupheka nembubhiso, niyabo, ezayo).

*Kepha kinina enilesaba igama lami kuyakuphuma iLanga lokulunga linokuphilisa emaphikweni alo* (ukufika kweNkosi); *futhi niyakuphuma njenge*. . . ni*yakuphuma, futhi nitshekule njengamathole esibaya.* (Lokho kunjengokuphumela edlelweni, uhambe uphume.)

. . .*niyakunyathela phansi ababi; ngokuba bayakuba yimilotha phansi kwamathe ezinyawo zenu* nga*lolosuku engiyakukwenza ngalo lokhu, isho iNKOSI yamabandla.*

173 Ngamany'amazwi, abalungileyo, ekubuyeni noKristu emhlabeni, bayakunyathela phezu kwemilotha. Uma nibona lababantu, abaqholoshayo, abazidlayo, abanokwedelela, abondaba zabantu, kepha nokho bezisho ukuthi bangamaKristu, abayilutho kodwa imilotha. Yilokho kuphela. Yilokho umBhalo okushoyo. Niyabo? Manje bhekisisani.

> *Khumbulani . . . umthetho kaMose inceku yami, engamyala . . . ngawo eHorebe ngawo wonke uIsrayeli, waba-yizimiso nezahlulelo.*
>
> *Bhekani, Ngiyakuthuma* kini *uElija umprofethi lungakafiki lolosuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo:*

Ngaphambi nje kwaloloSuku, ukubuya kweNkosi, uElija uyofika kuqala.

174 Kulungile, khumbulani, nokho yisikhathi esizayo. Manje, kwakungeke kwaba ngukufika kukaJohane. WayenguElija, kodwa ufika kahlanu, manje. U-J-e-s-u, uku k-h-o-l-w-a, u-m-u-s-a. Niyabo, *isihlanu* yinombolo yo "musa." UElija wenza ukubonakala okuhlanu: kanye nguElija; njengoElisha; njengoJohane; ekupheleni kwabeZizwe; nangaphezulu noMose kumaJuda. Inombolo ephelele, umprofethi ophelele, isithunywa esiphelele, oqinile, onesibindi. Niyabo? Qaphelani:

> *. . . Ngiyakuthuma kini uElija . . . lungakafiki u*Suku*, lweNkosi olukhulu nolwesabekayo:*
>
> *Futhi uyakuphendulela* inhliziyo *zawoyise kubantwana* nenhliziyo *zabantwana koyise, funa Ngifike ngishaye izwe ngesiqalekiso.*

175 Niyabo, hhayi ukufika kokuqala kokwethulwa; lowo kwakunguJohane, ngoba umhlaba awuzange ushe njengamabibi, abalungileyo abazange bahambe phezu kwemilotha yababi. Kodwa ngaphambi nje kokuba lokhu kwenzeke, kuyofika uElisha. Futhi uyokwenzani na? Abuyisele ukuKholwa kwabantwana kubuyele kuyise, ukuKholwa kwasekuqaleni kweBhayibheli.

176 Uma ngibona indoda ifika, ngiyacabanga, "Leyo ifanele ibe nguye. Kunendoda ephakama ngodumo, ibukeni, amabandla liyahamba." Yenzani na? Iqhele ngamamayela ayinkulungwane eBhayibhelini. Yenzani na? Ihamba izulazula, umoya uphuma wehla iyahamba. Niyabo, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha aMandla akho bewaphika." Bephika ukuKholwa, abakholelwa eBhayibhelini, lisho, bebambelele ezivumwenikholo, amahlelo, bethola abantwana behlelo. Lizowa. Nanso ibuyela emuva ngqo.

177 Iphi leyo ezohlwanyela leyoMbewu yaleloBandla lesikhathi sokugcina na? Iphi leyoMbewu evuthwayo, lowoElija

othenjisiweyo na? Futhi masinyane emva kwezinsuku zayo kuyongena ukuHlupheka okukhulu futhi kushise umhlaba.

178 Bese kuthi-ke ekubuyeni kweBandla noMlobokazi, uMlobokazi noKristu bayophuma bahambe phezu kwemilotha yabo, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, lapho umhlaba uhlanzwe ngomlilo. Futhi lapho bayobusa. Nabahedeni ongazange alizwe iVangeli bayovuswa ngalesosikhathi, namadodana kaNkulunkulu ayobonakaliswa. Uma izobusa, izofanele ibe nento ebusa phezu kwayo, inokubusa. "Futhi babusa futhi baphatha noKristu," noKristu waphatha ngentonga yensimbi, izizwe. Bese kuthi-ke iVangeli . . . Bese-ke kuba ngamadodana kaNkulunkulu abonakalisiweyo, enegunya njengoba Ayenalo nje ngenkathi Elapha, niyabo, kuyofika isikhathi seminyaka eyiNkulungwane kulokho kuBusa, niyabo, phezu kwemilotha.

179 Ngakho bengiqaphele into ethize. Ngabe ithe nyelele ngathi ekuzehliseni futhi sayigeja na? Ngabe isihambile nebandla lashiywa ezonweni zalo na? Uma lokho kunjalo, khona-ke sekuleyithi kunoma ucabanga. Uma kungenjalo, khona-ke ukhona oza noMlayezo oqondile eBhayibhelini, nomsebenzi osheshayo uyojikeleza umhlaba. Izimbewu ziyoya kumaphephandaba, izinto ezifundwayo, kuze kuthi yonke iMbewu kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili ibe isiWuzwile. Akukho namunye wabo oyoza uma uBaba engabadonsi, nawo wonke uBaba amdonsile uyoWuzwa futhi eze. Lokho kuyoba ngukuthi, iMbewu emiselwe ngaphambili iyolizwa iZwi.

180 Bese kuthi-ke uma lokho kwenzeka, kuyoba ngukubuthana ndawonye. NoJesu uyobonakala, futhi lapho kuyoya iBandla elivela kuwo wonke umhlaba kanjalo, nokuvuka, liya phezulu.

181 Ngabe kuyoba njengoJohane efika, futhi ngisho nabafundi abakhethiweyo babengakwazi ngisho na? Bathi, "Basholoni ababhali ukuthi uEliyase umele ukufika kuqala na?"

182 Wathi, "Usefikile vele futhi anikwazanga." Kodwa wathi, "Benza lokho abathi babezokwenza kuye." Umlayezo wakhe wawushesha kakhulu, bukani, kubo bonke abakwaIsrayeli, futhi kwenzeka kuphela kweyodwa encane i pla- . . . izindawana ezincane ezimbili—ezimbili: ngezansi nje eJerusalema nalapho, kwehlele e-Aenon lapho uJohane enyukela khona ukuyobhaphathiza, futhi ezansi ngqo emfuleni lapho ayebhaphathiza khona, umfula woma. Izinyanga eziyisithupha nje, futhi konke ukwethulwa kukaMesiya kufika kungena ngqo. Niyabo?

183 Ngabe ikhona into esingayinakanga na? Ngabe sekuleyithi kunoma sicabanga na? Lokhu ukuvulelana izifuba manje. Lokhu, kukulobubusuku nje, nje uku . . . Ya, yithi nje—nje sixoxa lapha. Ngabe kuleyithi kunoma sicabanga na? Ngabe lowo empeleni kwakunguMlayezo lapho emfuleni ngalolosuku na?

Ngabe uthe nyelele, nabantu baWugeja na? Ngabe lokho yiWo na? Khona-ke ngempela kuleyithi kunoma sicabanga. Kuyoba nini na? Angazi. Kungahle kube yilobubusuku. Kungahle kube ngeminye iminyaka engamashumi amahlanu. Angazi ukuthi kuyoba nini, ngiyolokhu ngiqhubeka ngiya phambili nje njengoba nginjalo manje. Awu, kuyini na? Ngabe kukhona engikubhekile na?

184 Ngibe nephupho elixakile izolo ebusuku, lingihluphe usuku lonke. Ngokwejwayelekile angiphuphi kakhulu kangako. Kodwa ngibe nephupho . . .

185 Bengiya ndawo zonke, futhi bekuvamise ukuba ngiqhumise lowoMlayezo futhi bengibona oyedwa lapha noyedwa laphaya eWubamba. Bengibuyela emuva ngqo futhi bese ngiqhumisa uMlayezo futhi bebephakamisa ikhala labo futhi basuke bahambe. Yin'indaba na? Ngabe bone basuka osukwini lwabo lomusa na? Ngabe owokugcina usengenile na? Ngabe sekwedlule na? Ngabe nje silindile imbubhiso na? Ngabe zonke lezizimpi ezincane eziqubuka kanjalo sezima ngomumo na?

186 Kukhona okuzokwenzeka. Ngaphambi kokuba kwenzeke, iBandla selihambile. Angivumelani impela ukuthi iBandla liyoba sekuHluphekeni! Ungawenza kanjani umfanekiso ususe kokuyikho ngempela na? Niyabo? UNowa wayesemkhunjini ngaphambi kokuba ithonsi elilodwa lamanzi lize lehle. ULoti wayesephumile eSodoma ngaphambi kokuba umlilo uze wehle. Niyabo? UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka kuleyomihla kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." IBandla alidingi ukumela ukwahlulelwa, selivele likuKristu.

187 Esikudingayo ngukupheleliswa kwabangcwele. Abangcwele abaqondi, niyabo, bathola . . . Abazi nje ukuthi bazocabangani, niyabo. Manje si . . .

188 Uma lokho kulungile . . . Uma kungalungile, kuza into ethize ngokushesha impela, kuzobakhona ukuqhuma. Ngibhekisisile, angazi ukuthi ngizojikela ngaphi.

189 Izolo ebusuku ngiphuphe iphupho. (Manje-ke sengiyavala.) Ngiphuphe iphupho, into exake kunazo zonke . . .

190 Bengilele lapho ngikhuluma kumkami, mayelana ne oncom- . . . Besisanda kukhuleka nje, futhi ngi . . . Omunye umuntu, uDallas omdadlana, wayeshayile ukuthi wayeshaywe yinto ethize endlebeni yakhe, ngase ngingena . . . Opha, futhi wadingeka agijimele kudokotela. Ngase ngingena ukuba ngiyokhuleka, noMoya oNgcwele wathi, "Lokho kulungile." Niyabo?

191 Nangu efika, kulungile. Udokotela wathi, "Ngani, bengicabanga ukuthi ubuzo . . ." Wathi, "Usulimaze isigubhu sendlebe yakho, saqhuma, negazi ligobhoza kuyo, nakho konke." Nje konke . . . Isikhathi esilandelayo sabu—buyela emuva,

akashongo lutho ngakho. Akazi ukuthi yini, niyabo, akukho okuthelelanayo, lutho. Niyabo?

192 Ngakho manje-ke omunye wayeshaye ucingo, futhi ngiye ekamelweni futhi ngikhuleke. Cishe ngoluny'usuku bashaye, bathi, "Sekuphelile. Kuhle futhi kuhle kakhulu! Kuyaqhubeka!"

193 Futhi bengikhuluma kunkosikazi, ngathi, "S'thandwa, cishe unyaka nezinyanga ezine bekul'khuni ukuba ngazi ukuthi yiyiphi indlela enginganyakazela kuyo." Ngathi, "Angazi ukuthi ini." Wathi . . . Sasikhuluma ngokugudluka. Ngathi, "Angazi ukuthi ngizokwenzenjani, ngimi futhi ngiyamangala. Ngabe sibheke . . . Ngabe lowomprofethi oyedwa omkhulu wekaNkulunkulu . . . eza enkundleni ukuqhumisa into na? Ngabe kuyokwaziwa ngabantu bonke?"

194 Ngacabanga, "Lokho kuphambene nomBhalo. Qhabo, kungukuthi: 'Ufika ngehora eningalicabangiyo.'" Niyabo? Futhi angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngabe asikunakanga na? Ngacabanga, "Angifuni ukucambalala ngasendlini lapha." Ngacabanga . . . Futhi ngithemba ukuthi lokhu akuteyishwa; uma kuteyishwa, idabule iteyipu noma uyibeke eceleni. Niyabo? Manje wathi, uma . . . Ngathi, "Uma lokhu kuyikho, sisondele kakhulu kunoma sicabanga."

195 Kunento eyodwa ene . . . ezokwenzeka. Noma enye into izokwenzeka kimi manje. Futhi angiboni ukuthi kungani Engangivumelanga nje ngihambe ngenkathi ngisezansi kulelobhentshi ngoluny'usuku, ngaleyonkathi, niyabo, uma ingekho enye into engenziwa. Ngani na? Angihambanga ngani na? Kwenzekani na? Ngabe ikhona enye into engenziwa na? Ngacabanga, "Awu, uma kunguMlayezo wami, abantu bazophakamisa ikhala labo kuWo."

196 Manje-ke, Into ethize ingibizela emasimini akwamanye amazwe. Ngizwa ukubizwa phesheya kolwandle, kungena kuvela ndawo zonke.

197 Incwadi isanda kungena nje ngoluny'usuku, uMfowethu Ligger ebhala i—ibhuku ngomhlangano waseThekwini. Wathi, "Awukaze uqhathaniseke. IAfrika ayikaze ibe nokunyakazo okunjalo. Ngaphezu kwesikhathi sobusuku obubodwa lelizwe elinsundu laseAfrika laba nokunyakaza ababengakaze babenakho ngaphambili empilweni yabo." Kunjalo, phansi phakathi komhedeni.

198 Ngibuka phansi lapho, ngabona lawomanigro ahluphekayo, abantu abaligugu, ngabona indlela labobantu ababewaphatha njenge . . . kabi ukwedlula izigqila. Ngabona umfanyana omdala lapho o . . . futhi ngi . . . wayesebenza lapho, ngase ngithi . . . Lowomfana, uvele nje . . . Nina besifazane naningeke nikwazi ukwenza okuningi ngezinsuku ezimbili [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] noma izinsuku ezintathu, kanzima njengoba

beningasebenza, njengoba lowomfana wayefanele enze ngosuku olulodwa. Wayelala embhedeni owendlalwe ngotshani phandle ngakwencane indlwana endala yokugezela, ethi ayibe amafidi amane ubude namafidi amane ububanzi, agoqane lapho. Futhi wayethola upondo ngenyanga, lokho amadola amabili no eyiti sente. Futhi wayengakutholi ukuthi adle imvuthuluka etafuleni, ibhakede lomphothulo; okokuthathu kwawo, ukudla kwasekuseni; okokuthathu kwawo ngokudla kwasemini; nokunye kokuthathu kwawo ngalobo busuku ekudleni kwakusihlwa. Asebenze kuze kube eleshumi, noma eleshumi nanye, eleshumi nambili nqo; avuke ngokusa okulandelayo anakekele ingane nakho konke okunye, futhi apholishe izitebhisi futhi asule imoto kabasi. Nomkhulu, omdala, umama okhuluphele akenzi lutho kodwa uhlala ngapho futhi aqhafaze izinzipho zakhe futhi aphuze itiye, ivila, engalungile.

199 Lowomfana ohluphekayo wayedingeka asebenzise okwanoma yini. Wayenokukhwehlela, futhi wayebukeka sengathi nje wayesezoba nomkhuhlane, njengokuthi, "Uhu, uhu, uhu." Futhi ngeliny'ilanga ngabuka ngaphesheya lapho, ngathi, "Ungalokothi lowomfana um. . . Awumlethi ngani emhlanganweni?"

200 "UyiKhafula." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Lokho kuchaza ukuthi "isichwensi." Akumangalisi beqhuma ngalelogama. Bengingaqhuma, nami. Lowomuntu ungumfowethu. Futhi nango. Akasiso isigqila. Ibala lakhe alihlangene ngalutho nakho. Ungumfowethu. Futhi wayelapho kanjalo.

201 Ngaphuma, ngambiza, "Thomas." Umfana wayekwazi ukukhuluma izilimi ezintathu. Ngase ngithi, "Thomas?"

202 Wajika, wawa ngamadolo akhe wayesephakamisa izandla zakhe, wathi, "Yebo, nkosi."

203 Ngathi, "Sukuma. Angisiyo inkosi yakho, ngingumfowenu." Ngamgaxa. Wangibuka phezulu kanjalo, nezinyembezi ezinkulukazi zehla ngezihlathi zakhe. Ngathi, "Thomas."

204 NoMoya oNgcwele uyafika futhi nakho kwabakhona umbono. Ngamtshela into ethize. Wayesethi, "Yebo, nkosi. Yiqiniso lelo. Kwaba yilokho impela nje."

205 Ngathi, "Thomas, ukukhwehlela sekusukile kuwe, ungeke usaphinde ube nawo." Futhi akabanganawo.

206 Abantu befaka imali ngesinyelela ephaketheni lami, nganginaleyo cishe yopondo abayikhulu namashumi ayisishiyagalombili yalawomaphepha *opondo* (kusho ukuthi amadola amabili noeyiti sente). Futhi ngangesaba ukumnika yona; ngesaba ukuthi ubasi wayezomthola enaleyo, babezocabanga ukuthi wayeyebile bese-ke bemshayela ukufa. Khona-ke nga—ngathi kubasi, ngathi, "Ngi—ngiyamthanda lowomfana. Ake ngimuphe imali."

"O, qhabo! Qhabo! Uzomona."

207 Ngathi, "Wena wonakele impela." Uyabo? "Yini oyicambalalele ngapha? Futhi awenzi lutho. Umfana wenza wonke umsebenzi futhi umyekela abulawe yindlala uhhafu. Uno—nomama ongumfelokazi nodade ohluphekile, bese-ke umyeka abe nedola . . . amadola amabili noeyiti sente ngenyanga." Ngathi, "Uyovuna ngeliny'ilanga ngalokho! Kunabelungu abayizigidi ezimbili namakhaladi cishe ayizigidi eziyikhulu. Niyoba nezibhelu."

Wathi, "Ungakusho lokho eMelika, ukuthi kwenzekani lapha."

208 Ngathi, "Ubani ozongitshela ukuba ngithule na? NguNkulunkulu kuphela." Ngathi, "Akumangalisi abantu benokuphithana, ngokuphathwa kanjalo." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Nakho lapho okhona. Futhi ngama ngakubo.

209 Ngoluny'usuku abefundisi abathi ababe babili, bebhekise okhololo emuva, nedevu elincane, benyukela eRhodesia.

210 Umqhubi omdadlana ol'hlaza tshani wangindizisa wayongingenisa kwezinye zalezozichotho zasenkabazwe, ngase-ke ngihamba amamayela amabili kwakubukeka kanjalo, phezulu emoyeni, ehamb'ebhakuza. Sasingazi noma ngabe kwakubheke phansi; ibhanoyi iphenduphenduka iphenduphenduka, iphenduphenduka. Futhi ekugcineni i . . . Sasingazi noma yayehla noma iya phezulu. Futhi ekugcineni yasiphosa ngaphezu kwesichotho. Futhi ngangigula kakhulu esiswini sami ngenkathi sehla!

211 Abathi ababe babili balabobefundisi, abefundisi bamaPentecostal, bangena emotweni futhi wayengishayelela engehlisela ePitoli. Ngehla ngivela eNingizimu Rhodesia; ngase ngehlela lapho futhi ngangigula, empeleni. NoMfowethu Baxter ehlezi lapho, egula, noBilly Paul, egula. Futhi sasilapha sishayela sehla ngqo sidabula enkomponi; yilapho abantu abangamakhaladi owenza into ethize bafanele bashiye isizwe sakubo, isono esithize sobuzwe, futhi bangena lapho. Futhi bangeke bamvumele angene edolobheni, ngakho nje baphila phansi kwethini kumbe noma yini abangayithola, kungcole kakhulu nezinto, yiqiniso. Futhi lapho behlela lapho, futhi ngangibone uphawu lapho, lwaluthi, "Amamayela angamashumi amabili ngehora." Nalawo indoda yayihamba amamayela angamashumi ayisithupha-nanhlanu ngehora. Labomama abadala abahluphekayo begijimela phandle lapho behlwitha izingane zabo ezincane, abantwanyana abancane, benqunu, phandle lapho emgwaqeni, futhi kusukela cishe eminyakeni emibili ubudala kuze kuyofika kwemihlanu noma eyisithupha; behlwitha labobafo abancane, futhi bedazuluka. Wasondela eduzane impela kokuba abulale abane babo ngasikhathi sinye.

212 Ngammbambatha ehlombe, ngathi, "Heyi! Yin'indaba kuwe?"

Waphenduka, wathi, "Utheni?"

213 Ngathi, "Ngithe, 'Yin'indaba ngawe na?' Nciphisa ijubane laleyonto!"

Wathi, "Sineziyalo ukuba sikufikise lapho ngesikhathi."

214 Ngathi, "Ngikunika iziyalo ukuba ukuyeke." Wayesethi . . . ngathi, "Awunalo uzwelo ngalabobantu na?"

"Baphi abantu na?"

Ngathi, "Lezozingane ezincane phandle lapho ocishe wazigayisa."

Wathi, "Lokho amaKhafula!"

215 Ngathi, "Awunamahloni! Uzibiza ngomKristu?" Ngathi, "Awazi yini ukuthi lowomama ucabange kakhulu ngengane yakhe, ukuba ubuyibulele, nanjengoba unyoko ubengacabanga ngawe na?" Ngathi, "Angahle abe ngongazi lutho nongafundile, kodwa uthando lukamama lukhalela ingane yakhe. Awuhlangene nokuthi wenze into enjalo. Futhi uzibiza ngo . . ." Ngathi, "Enye into, lolophawu luthe 'amamayela angamashumi amabili ngehora,' iBhayibheli lami lathi, 'Nika uKhesari okukaKhesari.'" Futhi wacashisa ikhanda lakhe. Ngathi, "Linciphise lehlele emashumini amabili ngehora bese uphatha labobantu sengathi babengumfowenu." Ngathi, "Awunamahloni, noma yini enjalo." O, he, bafutheka okwamaxoxo edla inhlamvu yomthofu emaholoholo! Kodwa akwenzanga mehluko, nginezwi lami phakathi, isibhakela sami.

216 Futhi sahamba ngakhona lapho nabantu babazi ukuthi ngangingakubo, ukubalethela u—uMlayezo weVangeli. NoNkulunkulu . . .

217 Bangena lapho, nokubaxubanisa, nokubeka omhlophe ngapha ngakwelinye icala, namakhaladi, futhi lapho amakhaladi ayengakwazi ngisho nokukhuluma izwi elilodwa kubo, kumbe lutho. UMoya oNgcwele wawuphuma phakathi kwalapho futhi ukhiphe abagulayo nabahluphikile nabakhubazekile, futhi ubaphilise, futhi u*ba*hlalise ngapha kokukhulu ukuzenyeza kwabo okwakwakhiwe laphaya. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu usebenzana kanjani nabathobile enhliziyweni!

218 Manje, lowo ngumuntu akakawemukeli uMlayezo namanje futhi ubhala lelobhuku.

219 Manje, kufanele ngenzenjani na? Into, ngifanele nge . . . Ngabe ngi—ngifanele ngibuyele lapho na? Manje, uma uNkulunkulu engibizela ebuvangelini, khona-ke ngeke ngaba ngumboni waKhe nomvangeli ngesikhathi esifanayo. Uvele nje . . . ku . . . Izikhundla ngeke zixubane, ngi—ngi nje . . . Ngilwa

nomoya ovunguzayo. Uma ngizoba ngumvangeli, ngizodingeka ngibe ngumvangeli. Uma ngizoba ngumboni waKhe, ngizokugodla ezintabeni ndawondawo futhi ngihlale kude; akukho-bandla, akukho-nhlangano yebandla, ngize ngizwe eNkosini; bese ngiphuma ngigqishazele bese ngiWunikeza, bese ngigqishazela ngibuye futhi. Niyabo? Enye yalezozinto, kukalwa esikalini. Noma kumbe sekwedlule. Nje kufanele kube ngenye yalezozinto ezintathu, kimi. UMlayezo usuphelile noma kumbe ngifanele ngithole eyodwa yalezizinto ezimbili ukuba ngizenze. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani.

220 Izolo ebusuku ngiphuphe iphupho, futhi ngiphuphe ukuthi bengiya emhlanganweni, futhi angikaze ngilibone iqembu labantu elinje! Bebebuthene njengesitadiyamu esikhulu, ngokubona kwami. Futhi kufika omunye umuntu ufika emva kwami lowo obengesuye uBilly, futhi ungithathe wangehlisa. Futhi bengikade ngisekamelweni, ngikhuleka, futhi bengiza e . . . phansi kogcobo; uhlobo lokuba phakathi njengoba bekubiza, lukwenza uqonde, njengegiya ukuya lapho ebenginokuzwa ukuthi bekungukubona okufihlakeleyo. Futhi emgwaqeni ezansi umfo uqale ukukhuluma kimi futhi, ngenkathi ekwenza, ukubona okufihlakele kusukile. Angikwazanga ukukuzwa. Futhi-ke ngizamile ukuzidonsela mina kukho; angikwazanga ukukwenza. Angikwazanga nje ukukwenza. Ngase ngikhathazeka.

221 Ngase ngiqala ukubuka isixuku lapho beshayela benyuka. Futhi ngenkathi ngikwenza, ngathi, "Awu, nginendikimba emqondweni wami engaziyo ukuthi lezozinhlangano nangendlela ababaphatha ngayo labobantu, khona-ke ngizoshumayela leloVangeli kanjalo nje kubo kanzima ngakho konke engingakwenza." Futhi lapho ngiya emsamo, lokho kwasuka kimi.

222 Akukho-kubona okufihlakeleyo, akukho namunye waleyomilayezo; ngase ngima lapho, futhi nokho abantu bebelindile. Ngase ngithi, "Ngizokwenzenjani na?"

223 Nento Ethize yathi, "Qhubeka nje. Qhubeka nje, uyabo," kuzonikezwa uma ngifika lapho. "Qhubeka nje uye phambili." Uyabo? Manje-ke bengikhona lapho eplat- . . . ngase ngiphaphama.

224 Kungahle kube ngenxa yokuthi bengicabanga ngalokho, ngiphuphe iphupho elinjalo. Kungahle kube yilokho. Kungahle kube ngukuthi iphupho lingokomoya. Angazi. Anginakuhunyushwa kwalo, a—angazi ukuthi lichaza ukuthini. Ngeke nje nganitshela futhi a—angazi ukuthi liyini. Kodwa, noma ngabe liyini, ngisempambanandlela ndawo ndawo. Niyabo? Kukhona okuthize, okuthize ndawo ndawo.

225 Futhi ngi—ngingasho into eyodwa, futhi angiqondakali kakhulu. Noma ngisho nga *le*ndlela, ngi . . . kunga *le*ndlela noma

*leyo* ndlela, omunye ukuthola le ngaku *lolu* uhlangothi. Futhi indlela okungayo, usho into eqonde ngqo eyangasephuzwini, nomunye uKuzwa nga *le* ndlela, ngakho utshela omunye bese encika phambidlana, nomunye uncika phambidlana, olandelayo phambidlana, bese-ke kuze Kuyothi ngqi kuphume emgudwini. Omunye uKuzwa nga *lena* enye indlela, uhamba ngalendlela, leyondlela, nangaleyondlela. Niyabo, bese uyadeda. Futhi yileyondlela okungayo phandle e—emihlanganweni, kanjalonjalo, uma ngempela uqhubekela eNdawaneni ngqo. Manje, abaKhethiweyo bangayizwa leyoNdawana. Bayayithola leyoNdawana! Bayazi, ngoba ngisho khona impela nje obekuqondiwe (Niyabo?) kanjalo, uMlayezo nje, khona impela nje.

226 Manje, futhi yilokho engikushoyo, kubonakala sengathi kunokuningi ukungaqondakali ngaso sonke isikhathi, ngokuqhubekayo. Kuyini na? Ngabe . . . Ngabe ngizitshale zonke iziMbewu okufanele zitshalwe na? Ngabe isikhathi sesiseduze na? Ngabe lesisithunywa esikhulu silungiselela ukungena enkundleni khona manje na? Ngabe ukufika kweNkosi sekusondele na? Ngabe kubizela le ukusukela kulelizwe kuya kwelizayo na? Ngabe Ingibize ebuvangelini na?

227 Khumbulani ngi . . . Ngakubuyekeza kunkosikazi. Abaningi benu ebhukwini . . . Usuku engabeka ngalo lelotshe legumbi lapho, cishe iminyaka engamashumi amathathu eyadlula, khona lapho ekhoneni, kwasho phakathi lapho . . . Ngalokho kusa ngenkathi Ingivusa, futhi ngangihlezi ekamelweni lapho, ngisho naphambi kokuba ngize ngiganwe kumbe noma yini, umshumayeli osengumfana nje, Yathi, "Wenze umsebenzi womvangeli. Hhayi . . . Wawungesuye umvangeli, kodwa wenze *umsebenzi* wakhe," yangicaphunela umBhalo kimi. Ngenkathi ngijima ngehla futhi ngazibona lezozihlahla ezimbili, kwephuka esisodwa *lapha* . . . abakamunye nabakamthathu emunye. Angikaze ngiziphambanise, ngazitshala kanjalo. Yase-ke Isibona isithelo siwela esandleni sami yase-ke ingigijimisela eKalvari. Manje lalelani, Yathi. "Uma usuphuma kulokhu, ufunde u Thimothewu wesiBili 4, u Thimothewu wesiBili 4."

228 Futhi Kwangishiya ngihlezi ekamelweni. Ngangingazi ngisho nokuthi kwakungumbono. Ngangingazi ukuthi ngikubize ngani ngaleyonkathi. Ngangibeka itshe legumbi (lolosuku) lesisekelo lapho. Kubhaliwe, kubekwe kulelotshe legumbi ngqo manje, futhi kwathi:

> . . . *wenze umsebenzi womvangeli, ufeze ukukhonza* kwakho.
>
> *Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo; kepha ngokwezinkanuko zabo bayaku . . . zibuthela* ndawonye *abafundi— abafundisi, njengokubatshwa kwezindlebe zabo;*

> . . . futhi bayakuphendulwa besuka eQinisweni *baphambukele ezinganekwaneni.* (Lokho yikho bobabili abakamunye nabakamthathu emunye, bageje i . . .)

229 Manje, Ayizange ithi "ungumvangeli," Yathi, "Wenze *umsebenzi* wakhe." Niyabo? Manje, ngabe isikhathi sesifikile na? Ngingaqhubeka nalokho noma ngabe isikhathi sesifikile senye into na? Lokho angikwazi.

230 Futhi yilokho ebengikufuna, ukuvulelana izifuba okungafihli lutho. Futhi sengedlula isikhathi sami khona manje, sokunidedela nihambe, ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside kangako.

231 Kodwa, uma iNkosi ithanda, ngaphambi nje kokuba uMfowethu Boze afike ngeSonto, ngingahle ngehle ngize ngeSonto ekuseni futhi ngingahle ngikhulume ngalendaba ethi *UbuVangeli besikhathi sakuSihlwa*, noma into efana naleyo, niyabo, uma kulungile kuwe, melusi. [UMfowethu Neville uthi, "Kuhle! Akabongwe uNkulunkulu!"—Umhl.] INkosi ithanda, ngeSonto elizayo ekuseni. Futhi bengizokhuluma ngalokho kulobubusuku, futhi bengizoba nokuvulelana izifuba nani mhlawumbe ngesinye isikhathi, kodwa ngizwa sengathi kungangcono ngalendlela, mhlawumbe, niyabo, uma leyo kuba yintando yeNkosi.

232 Ngiyanikhulekela. Ngikhulekeleni. Unga—ungasho nje ukuthi, "Mfowethu Branham, ngizokwenza." Kwenze! Uyabo? Ngethembele kulokho. Yimi engidinga umkhuleko, uma Ingangishovela ndawo ndawo. Khumbulani, ngiyisidalwa esingumuntu, angisuye uNkulunkulu. Ngiyisidalwa esingumuntu njengoba niyizo, ngizama ukuthola intando kaNkulunkulu ukuze ngihambe kuyo. Akekho ongahle azi kuze . . . "Nalowo oswela ukuhlakanipha makacele okukaNkulunkulu." Futhi yilokho engikwenzayo, ukucela okukaNkulunkulu. Futhi ngibeka nje lokho kini nje bandla lami, ukuvulelana izifuba. Ini, sikuphi na? Simi kuphi na? Yiliphi ihora esiphila kulo na? Sisesikhathini sokuphela, ngiyakholwa. Ngikholwa ukuthi sikhona lapha ekupheleni.

233 Manje, kungajika ngendlela eyodwa noma enye. Ngakho ni . . . Kuphakathi kokuthi umsebenzi wami usuphelile, noma ngibizelwa emasimini ngaphesheya ngaleya, noma kuphakathi kokuthi Izokwenza umvangeli noma umboni. Enye yalezozinto izokwenzeka, ngoba ngisekupheleni. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Angazi ukuthi ngizoya ngaphi. Ngisho nalemihlangano, engisondela kuyo, kade ngikhuleka, ngathi, "Nkosi, angizukwenza njengoba bengenza. Ngizosondela kuwo njengoba ngenza emuva lapho, ngizowa ngibuyele kulobo buvangeli nje Uze unginike lolobizo kwengifanele ngikwenze."

234 Ngi—ngihlwanyele iMbewu ndawo zonke, amateyipu ihambe umhlaba wonke, iMilayezo yami ihambe yajikeleza umhlaba, onke amabandla ayazi ngaWo, ukuzungeza ndawo zonke, nalokho uBaba akukhethile Uzokubiza. Niyabo?

235 Futhi manje kubonakala sengathi Uba yisikhubekiso kubo. O, abafuni kwenza lutho ngaWo. Qhabo, mnumzane. Ngingahamba nje ngiqhubeke futhi ngikhulekele abagulayo, nomlayezo olula omncane phezu kwalokho, futhi—futhi niyawubona uMoya oNgcwele ukuthi uhola kanjani na? Yilokho okusemqondweni wami ukukwenza Aze enze olunye ubizo. Ngoba indoda ayazi ukuthi izokwenzenjani uze uqonde kuNkulunkulu ukuthi wenzeni, uze uthole ukuhamba kwakho.

236 Futhi a—angifuni ukucambalala ngasendlini. LoMlayezo usenhliziyweni yami. Abantu bayafa, bayawa, bephumela ePhakadeni. Ngingenzenjani na? MangiWuqhumise ndawo zonke engingahle ngikwazi khona, futhi ngikhulume ngeNkosi uJesu aze Ashintshe isimo. Ningikhulekele, ngizonikhulekela. Ngiyethemba niyakwenza lokho.

237 Manje, khumbulani ngoLwesithathu ebusuku, umhlangano womkhuleko, noLwesihlanu ebusuku, umhlangano wabesilisa. Ngabe uzoba lapha na? Ngingahle ngibe sezansi ukuzonibona nonke, nginitshelile ukuthi bengizokuza futhi nginibone ngoLwesihlanu ebusuku. Kulungile, bese-ke kuba ngeSonto ekuseni, iNkosi ithanda, ngizokhuluma ngokuthi *UbuVangeli besiKhathi sakuSihlwa*, uma iNkosi ithanda; ngingahle ngikushintshe, angazi. Kodwa yilokho engicabanga ngakho khona manje, uhlobo lwababavangeli luzoba ngesikhathi sakusihlwa. Bese kuba-ke yiSonto ebusuku, ifilimu kaMfowethu Boze, futhi kukhumbuleni lokho manje. Futhi nisikhulekele, ngoba ngeviki elizoya sishaya insimu yokuvunwa, iNkosi ithanda.

NiyaMthanda na? Amen!
NizoMkhonza na? Amen!
NizoMkholwa na? Amen!
Amen, Amen!

UnguBaba. Amen!
UyiNdodana. Amen!
UnguMoya oNgcwele. Amen!
Amen, Amen!

Kusengukucula. Amen! Amen! Amen! Amen,
Amen!

NiyaMthanda na? Amen!
Ngabe Uyeza na? Amen!
Uzilungiselele na? Amen!
Amen, Amen!

Bekungaba kulobubusuku, uzilungiselele na?
Amen!
Ekuseni, uzilungiselele na? Amen!
Noma nini, uzilungiselele na? Amen!
Amen, Amen!

Kusengukucula. Amen!
Nokuhlokoma. Amen!
Nokukhuleka. Amen!
Amen, Amen!

Woza Nkosi Jesu. Amen!
Ibandla laKho lizilungiselele. Amen!
Siyalungiselela. Amen!
Amen, Amen!

Ngifuna ukubona umama wami. Amen!
Ngifuna ukubona ubaba wami. Amen!
Ngifuna ukubona uMsindisi wami. Amen!
Amen, Amen!

O, niyaMthanda na? Amen!
NizoMkhonza na? Amen!
NiyaMthanda na? Amen!
Amen, Amen!

238 Baba wethu oseZulwini, lokhu ngokwethu. . .iculo lika *Amen* elincane. Siyakuthanda ukufundisa kwaKho, sonke sithi "Amen!" Siyamthanda uMoya, "Amen!" Siyakholwa ukuthi Uyeza, "Amen!" Lonke iZwi Olikhulumayo eBhayibhelini laKho, Nkosi, siLigcizelela ngo "Amen!" Silikholwa lonke iZwi laLo, siLifundisa nje ngakho konke ukwazi kwethu, ngendlea nje eLilotshwe ngayo, zonke izigcizelelo, onke amakhonco, yonke inkathi, bonke okhefana, indlela nje eLilotshwe ngayo, ngakho konke ukwazi kwethu.

239 O Nkulunkulu, buyisela kithi, Nkosi. Siphe ukweneliseka okukhulu esikulangazelelayo, okothi thina ngolunye usuku sizwe ukubetha kweziNgelosi lapho ziqhibuka ngekhorasi likaHaleluya ezibhakabhakeni, noJesu uyobonakala ngaleya neBandla liyohlwithwa.

240 Abangakholwayo bayomangala, "Kwenzekeni, yin'indaba ngalabobantu na? Bayaphi na?" O Nkulunkulu, abayikuqonda, abayikuMbona ngisho. Kodwa iBandla liyoMbona, okungukuthi, ababizelwe ngaphandle, abaKhethiweyo, abazelwe ngokusha, bayonyamalala nje. Abayukwazi ukuthi bakuphi, bazi nje ukuthi balahlekile; bayoba kanye neNkosi yabo.

241 Bese kuthi ngalesosikhathi, Nkosi, kungebe yinto esabekayo ukushiywa lapha, ukwazi ukuthi isikhathi sensindiso sesedlule na? Akusekho-kusindiswa! UmBhalo wathi, "Ongcolile makazingcolise njalo, ongengcwele makabe ngongengcwele njalo." O, kuyoba yihora elinjani pho!

242 Kwangathi singalungiselela manje, Nkosi. Kuyoba yisikhathi esimnandi kanjani pho uma nje sizolungiselela ukuhlangabezana naWe, Baba, futhi silungiselele izinhliziyo zethu nsuku zonke. Futhi uma senza iphutha futhi siwe, njengalomphefumulo ohluphekayo obhalwe kulombuzo namhlanje, mabazi ukuthi iGazi likaJesu Kristu lihlanza sonke isono. Lowomuntu akaqondile ukwenza lokho, Nkosi. Bayalamba futhi bayoma, bazama ukubuyela benyukele enhlanganyelweni kaMoya. Benyuse, Nkosi. Banyusele ngaphezu kwaleli elinamafu, izwe elikhwantabele; ngaphezulu, lapho ukuKhanya kwelanga kungakhanya khona phezu kwemiphefumulo yabo futhi. Baqathakele phansi ngaphansi ko—ko—komkhathizwe wa—wamafu, futhi baphansi enkucunkucwini, phansi kuleso sono. Kodwa bake baphila phezulu lapho ekuKhanyeni kwelanga. Ba—bafuna ukubuyela emuva futhi, Nkosi. Bathathe ubabuyise kulobubusuku, Nkosi. Futhi uma kukhona abanye lapha ongakaze azibonele ngokuba phezulu lapho, nowaziyo ukuthi . . .

243 Yonke lena lapha imicibisholo amamizayili nayo yonke into ihambisana nje ncamashi ngokweZwi laKho, ngayo impela nje indlela izinto okufanele zenzeke ngayo. Futhi siyabona ukuthi ibandla lezwe ukuthi benze kanjani. Si—sibona nje—nje njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, njengoba kwakunjalo nje ngezinsuku zaseSodoma, khona impela nje uJesu athi kwakuzokwenzeka; amagagasi amakhulu abangwa ngukuzamazama olwandle; ukuthi abesifazane babezohamba futhi bagqoke kanjani, nokuthi babezoba kanjani ngondaba zabantu, futhi—futhi bahambe nendlela abenza ngayo, futhi bacokame futhi basontane, futhi baphatha . . . khona impela nje okwashiwo ngumprofethi. Okwashiwo nguDanyeli nje, "Insimbi nebumba kwakungevumelane ndawonye." Futhi, o, yonke into, iyagcwaliseka, Nkosi. Sisesikhathini sokuphela impela. Amathunzi ayehla, Nkosi. Amalambu abomvu ayabaneka, izinsimbi ziyakhala.

244 O Nkulunkulu, abantu baKho mabaqonde ukuthi masinya iNgelosi iyobeka unyawo phezu kwezwe nolwandle futhi iphakamise izandla zaYo futhi ithi, "Isikhathi asisayikubakhona!"

> Khona-ke O, ukukhala nokulila,
> Lapho abalahliweyo betshelwa ukunqunyelwa kwabo;
> Bayokhala emadwaleni nezintaba,
> Bayokhuleka, kodwa umkhuleko usuleyithi kakhulu.

245 Manje wusuku lwensindiso. "Onendlebe makezwe lokho uMoya akushoyo emabandleni." Siphe khona, Nkosi.

246 Kwangathi kungebekhona noyedwa umuntu lapha olahlekayo ngalolosuku loHlwitho. Kwangathi singagcwaliswa kakhulu ngothando lukaNkulunkulu noMoya kaNkulunkulu uMoya oNgcwele uze uzosibamba usisuse sinokulinda, noma ngisho uma sizophumula onkathweni lwethu. Njengoba Washo kuDanyeli, "Hamba ngendlela yakho, Danyeli, ngokuba uyophumula. Kodwa ngalolosuku uyakuma esabelweni sakho."

247 O Nkulunkulu, Wena wathi, "Labo abaphendulela abaningi e. . . basuke esonweni baye ekulungeni bayokhanya bedlule izinkanyezi kuze kube-phakade naphakade." Usuku olunje pho! Kodwa labo ababi bayoxoshelwa ekubhujisweni. O Nkulunkulu, yenza owesilisa bayiqonde indawo yabo eyiyonayona njengamanje empilweni, ukuze baphendukele KoLungileyo ngaphambi kokuba kube leyithi kakhulu ingunaphakade. Siphe khona, Baba.

248 Manje amakhanda ethu ekhotheme umzuzwana nje, emkhulekweni wokuvala, angabakhona yini othanda ukukhunjulwa, ethi, "Mfowethu Branham, ngiphakamisa izandla zami, hhayi kuwe kodwa kuNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu angaba nesihawu kimi futhi ngiyobakhona ngalolosuku, ngigezwe eGazini leWundlu"? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, wena, izandla eziningi.

249 Manje, Baba waseZulwini, Nkulunkulu, busisa ngamunye, wonke umuntu. Usuzibonile izandla zabo. Uyazazi izinhliziyo zabo.

250 Futhi siyaqonda, Nkosi, ukuthi si. . . kukhona into ezokwenzeka. Izwe liyakwazi, bacula amaculo, netelevishini aqhuma amahlaya okuguliswa yimizwa namaculo. Benzani na? Njengomfana omncane eshaya ikhwela emnyameni, edlula ngasemangcwabeni, esabela ukufa, ezama ukududuza imizwa yakhe ngokushaya ikhwela. Uyazikhohlisa kuphela. Kanjalo lesisizwe kuphela siyahleka, sihlekisa, sincokola, njengoba Lasho nje ukuthi isikhathi sasizofika lapho babezokwenza lokho, "Baphendulwa basuke eQinisweni baye ezinganekwaneni," nokuthi kuyoba kanjani "ezinsukwini zokugcina kuyofika abahleki abahleka usulu nabahleki," nokuthi lezizinto ziyoba kanjani esikhathini sokugcina, "abanamawala, abakhukhumele, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, begwema iQiniso," futhi siyakubona khona manje.

251 O Nkulunkulu, phaphamani bantu! Mabaqonde ukuthi bangaba ngabaqinisekisiweyo khona manje ukuthi sebedlulile ekufeni bangena ekuPhileni. Uma semukela uKristu, uMoya oNgcwele, sivele nje siphakame sibe ngaphezu kwezwe. Manje-ke siyazi sesivele sivukile kanye naYe, futhi nje silindele lokho kuguqulwa lapho ukufa kuyokhawuka nezindawo ezifayo,

lamasondo amancane okuphila okufayo eliphendula imizwa yethu, beyohlengwa khona. O Nkulunkulu! Bese kuthi-ke siyoba nomzimba onjengowaKhe futhi siyophila Phakade kanye naYe, iZwe elikhulu lesithembiso, sinobuFakazi obubonakalayo.

252 Makungagejwa-muntu, Nkosi. Labo abaphakamise izandla zabo, kwangathi bangashushumba (kulobubusuku) bayongena eMbusweni. Mhlawumbe uma beya ekhaya, mhlawumbe indoda ithi kumkayo, "Mntakwethu, kukhona into eshaye kimi kulobubusuku"; noma unkosikazi athi endodeni, "Sithandwa, ngi—ngizwe kuxake ngempela." "Yebo, mntakwethu, asiguqe lapha eceleni kombhede. Asikaze sikwenze lokhu ngaphambili, kodwa asikhuleke kulobubusuku. Asicele uNkulunkulu ukuba asihawukele futhi asiqoqe. Ngiyakuthanda, mtakwethu."

253 Nom—munye, isilisa sithi esifazaneni, nokuthi bathandana kanjani, "Ngi—ngi—ngifuna ukuba seZulwini nani. Angifuni ukukugeja lokhu. Futhi suku-lumbe uma sesemukelwa eKhaya futhi ngiyokubamba ngengalo futhi ngihambe ngehle ngemihubhe emikhulu nezingadi zaPhakade, lapho iwundlu ne—nengonyama kobe kubuthisa ndawonye, nempisi ne—nkomazi kobuthisa ndawonye. Futhi akusayikubakhona ukufa futhi lungabe lusabakhona usizi. Futhi lapho sihamba sehla sidabula lapho namahubo egcwalisa umoya, eziNgelosi, amakhorasi ngaphezu kwethu, lapho iziNgelosi zisemukela eKhaya, ngifuna ukuba nawe lapho, mntakwethu. Ngi—ngiyakuthanda. Mhlawumbe usugugile, ngiyakukhumbula ngenkathi ngishada nawe, ubuswana bakho obuhle." "Na—nawe, futhi ngiyakukhumbula, mntakwethu, ngenkathi useyinsizwa ebukekayo."

254 Kodwa konke lokhu kuyobuyiselwa. Lowo owake waqopha ubuso bakho obuhle ngesinye isikhathi unom—mdwebo wabo emqondweni waKhe. Angabupenda futhi ngaphesheya ngaleya lapho obungasoze bafiphala khona. O Nkulunkulu, abantu mabazi ukuthi leli akusilo iphupho eliyinsumansumane, kodwa liyi—yiQiniso, noNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ulapha ukufakaza. IZwi laKhe kusukela phansi eminyakeni likhulume ngakho. Ake sibuke emuva futhi sibone, sifunde umlando wethu. Futhi noma yiyiphi indoda eke yaze yafinyelela kunoma yini emhlabeni ayindoda, indoda esaba uNkulunkulu, ngisho nakoMongameli bakithi njengoWashington, uLincoln, kanjalonjalo, *oJoshuwa*, futhi—futhi ngakho . . . o*Mose*, nalabo aba . . . Indoda enkulu yezwe ibiyindoda eyayikholelwa kulokho, futhi basicilela ubufakazi babo, futhi alinde ngaleya lokho kuvuka. Sinezithelo zokuqala zakho, isiBambiso.

255 Ngiyakhuleka manje ukuthi ngomkhuleko wami Uzobemukela lababantu nomkhuleko wabo futhi ubathathe ubangenise eMbusweni. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

256 UNkulunkulu anibusise, acebe ngomusa kini, enze ubuso baKhe bukhanye phezu kwenu, futhi anigcine, futhi anibusise kuzo zonke izibusiso zaseZulwini.

257 Manje ngisho lokhu, akusilo unya, kodwa ngothando. Ngikhulekela ukuthi wena ongaMaziyo, ukuthi umcamelo wakho uzoba l'khuni kakhulu ukuthi awuzukwazi ukuba ube usalala, ukudla kwakho kuzoba ngokuvunde kakhulu uze ungabe usakudla, uze uphume uthi nyelele eceleni ndawondawo futhi uthi, "Nkosi, ngihawukele." Lokho akusikho ukukufisela noma yini engalungile. Lokho kungokokukusiza, mfowethu, dadewethu. Ngikhulekela ukuthi nje kuzoba ngaleyondlela kuwe.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane!)
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!
Ngesiqondiso seseluleko saKhe, uyakuqinisa,
Ushaya amagagasi abulalayo phambi kwakho;
UNkulunkulu abe nawe size sibonane . . .

258 Manje ngenxa yabafo abadala, asixhawulane nomunye manje.

Size si . . .

Nkosi Jesu, yenza . . .?. . . konke, khipha ukugula okuthelelanayo bese umnika ukuphila, Nkosi, eGameni likaJesu.

Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane!)
Size si . . .?. . .

Size si . . .
. . . kaJesu . . .

259 Ngiyakhumbula sasivame ukucula lawomaculo na? Asi . . . Naleli elinye sasivame ukulicula, kudala eminyakeni eyadlula, angazi noma bakhona lapha noma qha, ngenkathi sasivamise ukuhlanganisa izandla sizungeze isitofu esidala lapha, nodaka phansi. Niyalikhumbula lelo na? Sasicula:

Siyamasha siya eZiyoni
Enhle, enhle iZiyoni;
Siyamasha senyukela eZiyoni,
Umuzi omuhle kaNkulunkulu.

260 Niyazi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane ukuthi iZiyoni izoba njani na? Kuyobakhona ukuKhanya eZiyoni, futhi kuyoba ngokwesithunzi esivela elangeni ngesikhathi sasemini nanjengokuKhanya ebusuku, ngokuba akuyikubakho ubusuku lapho. O, he!

Igquma, amasimu aseZiyoni ayathela
Amnandi angcwele ayinkulungwane
Singakafiki kulesosiHlalo sobukhosi sasezulwini,
Singakafiki kulesosiHalo sabukhosi sasezulwini,
Noma sihambe emigwaqeni yegolide,
Noma sihambe emigwaqeni yegolide.

Sonke kanyekanye manje:

Siyamasha siya eZiyoni,
O, enhle, enhle iZiyoni;
Siyamasha senyukela eZiyoni.
Lowomuzi omuhle kaNkulunkulu.

261 Ngiyalithanda nje lelo, ngicabanga ukuthi nje lihle kakhulu. Manje, aniwathandi yini lawomaculo akudala na? Ngicabanga ukuthi lingcono kakhulu ngakho konke kunalento anqunyiwe esinayo namhlanje ethiwa amaculo. Ngiyalithanda nje lelo. Futhi ngangivame ukucula iculo elidala ebandleni, niyakhumbula:

Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho eMthonjeni.

262 O, he! Lawo amnandi, amaculo amadala, ngikholwa ukuthi ipeni laliqondiswa nguMoya oNgcwele, owabhala lawomaculo.

Mangisondezwe, Nkulunkulu wami, kuWe,
Mangisondezwe kuWe!
Ngisho nakuba kuba yisiphambano
Esingivusayo;

263 Nokho, uCharles Wesley nalabo abaqambi abakhulu ababhala lawomaculo anjalo, lezozimbongi. Lihle, ngicabanga ukuthi nje mahle kakhulu. Bese kuthi-ke sasivame uku. . . Niyalikhumbula lelo:

O Lizwe laseBewula, Lizwe laseBewula elihle.
Ngima njengasentabeni ephakeme kunazozonke,
Ngibuka le ngapesheya kolwandle,
Lapho okukhona izindlukazi Ozilungiselele mina,

264 Niyakhumbula isikhathi sokuqala leyoNgelosi yeNkosi ibonakala ezansi emfuleni na? Sasicula:

Ngimi ezingwini ezinesichotho zeJordani,
Futhi ngiphosa iso elifisayo,
Ezweni elihle nelokujabula laseKanana,
Lapho amafa ami lilele khona.

Ngiqonde kulelozwe lesithembiso,
Ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde kulelozwe lesithembiso.

265 Ngenkathi sisacula lelo, iPhimbo ladazuluka livela ezibhakabhakeni, futhi nakho kufika leyoNsika yoMlilo enkulu ishaya indingilizi phansi ngqo lase lithi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kwaKhe kokuqala, wena unoMlayezo oyokwandulela okwesiBili." Bukani ukuthi uye kuphi. Lokho kuyiminyaka engamashumi amathathu-nanye edlule. Bukani ukuthi Uyephi kusukela ngaleyonkathi, umhlaba jikelele emlilweni wemvuselelo. Futhi manje siyibona iphola. Isikhathi sesiseduze.

266 Asikhothamise amakhanda ethu manje, sikhumbula konke okwezimememezelo.

267 Melusi omkhulu wezimvu womhlambi, esibheke ukumbona efika ngoluny'usuku, izinhliziyo zethu zilangazelele lelohora lapho sonke siyoMbona. Ngolunye usuku Wahlala entabeni wase Ufundisa abantu baKho, Wathi, "Nikhuleke ngalendlela," [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka ndlelanye—Umhl.]:

> . . .*Baba wethu Osezulwini, Malingcweliswe igama lakho*
>
> *Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni, njengasezulwini.*
>
> *Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.*
>
> *Usithethelele* iziphambeko *zethu, njengolokhu nathi sibathethelela* labo abaphambuka kithi.
>
> *Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen.*

268 IBhayibheli lathi, "Futhi bahlabelela ihubo base bephuma."

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabula nentokomalo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! (Limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

269 Lokho okuzwakali kukuhle na? Akesilidedele kanye nje, elilodwa lapha nje nalaphaya, futhi lilaleleni futhi sisacula.

NgeGama likaJesu khothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe, (Niyabo?)
INkosi yamakhosi eZulwini siyoliqhelisa.
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

O, akukuhle lokho na? Ake sibone:

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Vele nje uphefumule lelo Gama ngomkhuleko. (Niyabo?)

O Gama eliligugu! Asilicule:

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula leloGama elingcwele ngomkhuleko.

O Gama eliligugu (Gama eliligugu!), O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Ithemba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eligugu, O limnandi kangaka! (Limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

270 Manje, uma sizokhothamisa amakhanda ethu, umelusi wethu uzokhipha ibandla ngomkhuleko. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org